60. Ukufakwa Kwezikhalo
61. Ukutholakala kwamarekhodi
62. Isaziso sokwedlulisa isikhalo
63. Ukucutshungulwa Kwesinqumo esidlulisiwe
64. Izigcawu zesiGungu Sokwedlulisela Izingqumo
65. Ukuhlehliswa kokulalelwa kokwedluliswa Kwesinqumo
66. Isikhalo esibhalwe phansi esidlulisiwe
67. Isigcawu esilalelwayo
68. Ukulalelwa kokwedluliswa Kwesinqumo bengekho abathintekayo
69. Ukunquma kwesiGungu Sokwedlulisela Izingqumo
70. Amarekhodi okulalelwa kokwedluliswa Kwesinqumo
71. Izimali ezikhokhwayo

ISAPHLUKO 13

UKUTHOTSHELWA NOKUPHOQELELWA KOMTHETHO

72. Ukuqokwa kuka-Enforcement Officer
73. Imisebenzinamajoka ka-Enforcement Officer

- 74. Iwaranti
- 75. Ukufaka nokuphenywa kwezikhalo
- 76. Isaziso sokwephula umthetho
- 77. Ukuphuthuma
- 78. Isitifiketi sokuthobela umthetho

ISAPHLUKO 14
IZINDAWO EZINGAPHANSI KWAMAKHOSI

- 79. Isivumelwano noMkhandlu weNkosi

ISAPHLUKO 15
UKUKHISHWA KWEZINOMBOLO ZEMIGWAQO NOKUQANJWA KWEMIGWAQO

- 80. Ukufakwa kwezinombolo namagama emigwaqo ezicelweni zokuthuthukisa umhlaba
- 81. Ukuqanjwa kwemigwaqo engeyona ekahulumeni
- 82. Ukuqanjwa kwemigwaqo kahulumeni
- 83. Izinombolo zemigwaqo namagama amabhilidi akhona

ISAPHLUKO 16
AMACALA NEZINHLAWULO

- 84. Amacala
- 85. Izinhlawulo

ISAPHLUKO 17
IZIHLINZEKO EZIYINGXUBE

- 86. Isicelo sokuba umngeneleli
- 87. Ukushintshwa kobunikazi
- 88. Ukwedluliswa kwamalungelo okuphikisa nemibono
- 89. Ukuthunyelwa kwesaziso
- 90. Ukwedluliswa kwamandla
- 91. Izihlinzeko zesikhashana
- 92. Isihloko esifingqiwe nokuqala ukusebenza komthetho

CONTINUES ON PAGE 258 - PART 3



KWAZULU-NATAL PROVINCE
KWAZULU-NATAL PROVINSIE
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

Provincial Gazette • Provinsiale Koerant • Igazethi Yesifundazwe

(Registered at the post office as a newspaper) • (As 'n nuusblad by die poskantoor geregistreer)
(Irejistiwee njengephephandaba eposihhovisi)

Vol. 11


PIETERMARITZBURG

31 AUGUST 2017
31 AUGUSTUS 2017
31 KUNCWABA 2017

No. 1871

PART 3 OF 3

We all have the power to prevent AIDS



**AIDS
HELPLINE**

0800 012 322

DEPARTMENT OF HEALTH

Prevention is the cure

N.B. The Government Printing Works will not be held responsible for the quality of "Hard Copies" or "Electronic Files" submitted for publication purposes

ISSN 1994-4558



9 771994 455008

01871

ISAHLUKO 1 UKUHUNYUSHWA

Izincazelo

1.Kulo Mthetho kaMasipala, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile–

“umakhelwane” kushiwo noma umuphi umnikazi womhlabaohlukaniswe ngumngcele noma yisikhonkwane esisekhoneni nomhlaba okufakwe isicelo sokuba uthuthukiswe, kanti kufaka nomnikaziwomhlaba ongaphesheyakomgwaqo;

“umninikazi othintekayo” kushiwo noma imuphi uminikazi womhlaba uMasipala angamthatha ngokuthi uyathinteka ngokwesicelo sokuthuthukisa umhlaba; kanti kungafaka nendawo engaphansi kwamaKhosi;

“Isigungu Sokwedlulisa Izinqumo” kushiwo isigungu sokwedlulisa izinqumo esichazwe esigabeni 12salo Mthetho kaMasipala;

“umfakisicelo” kushiwo noma imuphi umnikazi womhlaba noma umuntu ofaka isicelo sokuthuthukisa umhlaba njengoba kuchazwe esigabeni21(4) salo Mthetho kaMasipala;

“imvume” kushiwo noma ikuphi imvume noma izimvume ezidingeka ngokwemithetho efanele ezikhishwa uhlaka lukahulumeni okufanele ezifakwe futhi ezihambisana nesicelo sokuthuthukisa umhlaba, okubandakanya phakathi kokunye–

- a) Irekhodi lesinqumo esithathiwe ocwaningweni lokuhlola umthelela kwezemvelo ngokoMthetho wokuPhathwa Kwezemvelo kaZwelonke, 1988 (uMthetho No 107 ka 1988);
- b) Ilayisense yokusentshenziswa kwamanzi ngokoMthetho wezaManzi kaZwelonke, 1988 (uMthetho No .36 ka 1988); noma
- c) Nanoma iyiphi imvumeekhishwengokoMthetho Wokuhlukaniswa Iziqephu Komhlaba Wezolimo, 1970 (uMthetho No.70 ka 1970)

“umsebenzi ogunyaziwe”kushiwo umuntu ogunyazwe ukuqinisekisa ukulandelwa kwezimiso zalo mthetho, okufaka phakathi kokunye –

- (a) iphoyisa lomthetho elichazwe esigabeni 334 soMthetho weNqubo yamaCala obuGebengu, 1977 (uMthetho No. 51 ka 1977);

(b) amaphoyisa kaMasipala njengoba echazwe eMthethweni wamaPhoyisa aseNingizimu Afrika, 1995 (uMthetho No. 68 ka 1995); kanye

(c) nalabo basebenzi, ama-ejenti, abanikezwe amandla, izithunywa nabahlinzeka uMasipala ngamasevisi: Kuncike ekutheni ngokwezinhloso zokusesha nokushaqa impahla, uma lowo muntu engesilona iphoyisalomthetho, kufanele aphekezwe yiphoyisa lomthetho;

“Isicelo esisemkhakheni 2” kushiwo isicelo esiphelele esicutshungulwa futhi sithathelwe isinqumo yisiGungu;

“Isicelo esisemkhakheni 3” kushiwo isicelo esiphelele esicutshungulwa futhi sithathelwe isinqumo yiNhlolo;

“Isicelo esisemkhakheni 4” kushiwo isicelo esiphelele esicutshungulwa futhi sithathelwe isinqumo yiPhini leNhlolo;

“isicelo esikhishiwe” kushiwo isicelo esifakwe kuMasipala ukuba asigunyaze, kanti asifaki isicelo sokuthuthukisa umhlaba;

“InquboYokuziphatha” kushiwo inqubo ebhalwe phansi yokuziphatha ebeka imithetho namazinga okusebenza, ukwenza nokuziphatha kwamalunga esiGungu;

“isicelo esiyinhlanganisela” kushiwo isicelo esiyinhlanganisela yezinhlobo yezicelo zokuthuthukisa indawo esingahlanganiswa futhi sicutshungulwe sonke njengoba kuhlinzekwe eSahlukweni 8 salo Mthetho kaMasipala;

“isicelo esiphelele” kushiwo isicelo sokuthuthukisa umhlaba esesikulungele ukukhangiswa noma esesidlulile ohlelweni lokuqala lokufaka isicelo, futhi esiphelezwa, phakathi kokunye, yizimvume, ukuphawula nemibiko nocwaningo longoti;

“isitifiketi sokuthobela umthetho” kushiwo isitifiketi esikhishwa ngenxa –

(a) yokulandela komfakisicelo imibandela yokuvunywa kwesicelo ebhalwe esazisweni sesinqumo zingakapheli izinyanga eziyisithupha kuphume leso saziso; noma

(b) yesinqumo mayelana nokwepulwa komthetho othize;

“ukuhlanganiswa” kushiwo lapho kuhlanganiswa iziza ezimbili noma ngaphezulu ukwakha isiza esisodwa;

“uMthethosisekelo” kushiwo uMthethosisekelo weRephablikihi yaseNingizimu Afrika ka 1996;

“ukwephula uhlelo” kushiwo ukwephula uhlelo lokusetshenziswa komhlaba, ukwephula imibandela yokugunyazwa equkethwe esazisweni sesinqumo noma ukwephula izinhlinzeko zalo Mthetho kaMasipala;

“isaziso sokwephula uhlelo” kushiwo isaziso esikhishwa nguMasipala asibhekise kumnikazi noma umuntu owephule noma okusolwa ukuthi wephule uhlelo lokuthuthukisa umhlaba;

“umkhandlu kamasipala ” noma **“umkhandlu”** kushiwo uMkhandlu kaMasipala weTheku, umkhandlu kamasipala ohlongozwe esigabeni 157(1) soMthethosisekelo;

“izinsuku” kushiwo izinsuku zokusebenza; okungafaki uMgqibelo, iSonto namaHolidi; **“othatha isinqumo”** kushiwo isiGungu sikaMasipala, iNhloko noma iPhini leNhloko, njengoba kungaba njalo;

“isaziso sesinqumo” kushiwo isaziso esibhalwe phansi sesinqumo sesicelo sokuthuthukisa umhlaba;

“Ihhovisi Lokubhalisa Ubunikazi Bomhlaba” kushiwo ihhovisi lokubhalisa ubunikazi bomhlaba njengoba kuchazwe esigabeni 102 soMthetho Wokubhaliswa Kobunikazi Bomhlaba, 1937 (uMthetho. 47 ka 1937);

“iphini leNhloko” kushiwo iphini lenhloko yomnyango othintekayo obhekeleukuhlela intuthukointuthuko, ezemvelo nokulawula eligunyazwe nguMasipala ngokwesigaba 35(2) seSPLUMA ukuba libheke futhi lithathe isinqumo ngezicelo zokuthuthukisa umhlaba;

“imigomo yentuthuko” kushiwo imigomo yokwenziwa kobulungiswa ngokwezindawo, uzinzo, ukweneliseka, ukusimama nokuphatha okuhle njengoba kuqukethwe eSahlukweni 2 se SPLUMA;

“amalungelo okuthuthukisa umhlaba” kushiwo amalungelo okuthuthukiswa komhlaba ahambisana nomhlaba ngenxa yokuklanywa kwawo; okufaka awangaphambi kohlelo noma ilungelo elingahambisani nohlelo okungenzeka ludinge ucwaningo longoti;

“umdwebo” kushiwo umdwebo njengoba uchazwe esigabeni 1 soMthetho Wokusaveywa Komhlaba, 1997 (uMthetho No. 8 ka 1997);

“ithuluzi lokulawula imvelo” kushiwo ithuluzi lokulawula imvelo elishiwo esigabeni 24(5)(bA) soMthetho wokuPhathwa kweMvelo kuZwelonke ka 1998 (uMthetho 107 ka 1998);

“IsiGungu Esiphezulu” kushiwo ikomidi lesigungu esiphezulu noma imeya kaMasipala waseThekwini; njengoba kuchazwe esigabeni 44(2) soMthetho weziNhlelo Zomasipala Wohulumeni Basekhaya, 1998 (uMthetho No. 117 ka 1998);

“ukukhululwa” kushiwo ukukhululwa okuqukethwe ohlelweni lokusentshenziswa komhlaba lapho kudingeka imvume yabanikazi bomhlaba abangomakhelwane noma abathintekayo kuleso sicelo;

“ipulani ejwayelekile” kushiwo ipulani ejwayelekile njengoba ichazwe kuMthetho Wokusaveywa Komhlaba, 1997 (uMthetho No. 8 ka 1997);

“imikhombandlelayezindawo zomphakathi nezindawo ezivulekile” kushiwo imikhombandlela eyakumelwe uMkhandlu ebeka amazanga okumele alandelwe uma kuhlinzekwa ngezindawo zomphakathi kanye nezindawo ezivulekile ngaphansi kukaMasipala waseThekwini;

“iNhlolo” kushiwo iNhlolo yalowo mnyango obhekene nezindaba zentuthuko, ukuhlela, imvelo nezokuphatha egunyazwe nguMasipala njengoba kuchazwe esigabeni 35(2) se SPLUMA ukuba icubungule futhi inqume ngezicelo zokuthuthukiswa komhlaba;

“i-IDP” kushiwo uHlelo Lwentuthuko Edidiyelwe njengoba kuchazwe esigabeni 25 soMthetho weziNhlelo Zomasipala;

“**umlamuli**” kushiwo umuntu onentshisekelo onikezwe amalungelo okuba ngumlamuli ngumthathi zinqumo noma yisiGungu Sokudlulisela Izingqumo ngokwesigaba 86 salo Mthetho kaMasipala;

“**IKomidi LokwelulekaElihlanganyele**” kushiwo ikomidi lokweluleka elakhiwe ngokwesigaba 30 saloMthetho kaMasipala elinabasebenzi ababhalisiwe abenza izincomo kumthathi zinqumo ngezicelo zokuthuthukisa umhlaba;

“**umhlaba**” kushiwo isiqephu, ipulothi, isitende, ingxenye yepulazi, noma umhlaba wezolimo kanti kufaka nanoma yini eyakhiwe kulowo mhlaba, noma amalungelo aleyo ndawo noma amasheya omhlaba kanti kufaka nomhlaba ongaphansi kwezindawo zamaKhosi;

“**ukuthuthukisa umhlaba**” kushiwo ukushintsha kokusetshenziswa komhlaba, okubandakanya ukwakhiwa kwamalokishi, ukuhlukaniswa noma ukuhlanganiswa komhlaba noma iluphi ushintsho ekusetshenzisweni komhlaba kulokho okuvunyelwe ngakho ohlelweni lokusetshenziswa komhlaba;

“**isicelo sokuthuthukisa umhlaba**” kushiwo isicelo sokuthuthukisa umhlaba esifakwe kuMasipala ukuba asicubungule futhi athathe isinqumo ngaso, kanti igama elithi “**isicelo**” linencazelo efanayo;

“**ukusetshenziswa komhlaba**” kushiwo inhloso umhlaba osetshenziselwa yona noma ongasetshenziselwa yona ngokomthetho nangokohlelo lokusetshenziswa komhlaba, noma lo Mthetho kaMasipala; ngokohlelo olukhona noma ngokwanoma iyiphi indlela egunyaziwe, ngokwemvume ekhishwe yisiphathimandla esifanele, kanti kubala ngisho nanoma imiphi imibandela ehambisana nokusetshenziswa kwalowo mhlaba;

“**uhlelo lokusetshenziswa komhlaba**” kushiwo imithethonqumo yohlelo olwamukeliwe kanye nebalazwe lesifunda ngasinye, okufaka irejista lezichibiyelo zohlelo; kanti “**uhlelo**” lunencazelo efanayo;

“**ipulani yendawo**” kushiwo ipulani yesikhashana ehlanganise ipulani yendawo neyokusetshenziswa komhlaba ezingeni lokuhlela;

"uMasipala" kushiwo umasipala weTheku, okumkhakha A njengoba kushiwo ngokwesigaba 155(1) soMthethosisekelo;

"iMenenja kaMasipala" kushiwo umuntu oqokwe ngokwesigaba 54A soMthetho weziNhlelo Zomasipala njengenhloko yokuphathwa koMkhandlu kaMasipala;

"uHlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo" kushiwo uhlaka lwentuthuko ngokwezindawo olwamukelwe ngokweSahluko 5 salo Mthetho kaMasipala;

"iphephandaba" kushiwo iphephandaba lansukuzonke lomphakathi kuMasipala waseThekwini;

"uhlaka lukahulumeni" kushiwo uhlakalukahulumeni kanjengoba luchazwe eSigabeni 239 soMthethosisekelo, kanti kubandakanya namabhizinisi kahulumeni;

"umnikazi" kushiwo umuntu obhaliswe eHhovisi Lamatayitela njengomnikazi womhlaba, futhi kufaka umnikazi oshiyelwe umhlaba, nomnikazi ngenxa yanoma yimuphi omunye umthetho osebenzayo;

"iqoqo lamapulani" kushiwo iqoqolamapulani alawula ukuhlela okudidiyele kuMasipala okukhulunywe ngawo esigabeni 11 salo Mthetho kaMasipala;

"umuntu" kubalwa umuntu siqu noma umuntu ngokomthetho, ubambiswano, amatrasti, ama-body coporate, izinhlangano zabanikazi bemizi kanye nezinhlaka zombuso;

"uMthetho Wezokuhlela Nentuthuko" kushiwo uMthetho waKwaZulu-Natali Wokuhlela Nentuthuko, 2008 (uMthetho No. 6 ka 2008);

"umngwaqo wangasese" kusho umngwaqo, indlela yabo bonke abantu, indlela noma umngwaqo lapho uMasipala engenalungelo ekuqanjweni komngwaqo;

"umngwaqo kahulumeni" kushiwo umngwaqo kamasipala lapho umasipala enamalungelo okuqanjwa kwamagama omngwaqo okufaka umngwaqo, indlela yabo bonke abantu, indlela noma umngwaqo;

“indawo evulekile kahulumeni” kushiwo noma ngabe iyiphi indawo evulekile, ipaki, umgwaqo noma, indlela yabo bonke abantu noma indawo efana nale ekhonjiswe ohlelweni olwejwayelekile noma kumdwebo ukuze isetshenziswe ngumphakathi futhi ingekaMasipala noma olunye uhlaka lombuso kanti kufaka indawo evulekile namalungelo endawo anoma isiphi isimo esifanayo esihambisana nomphakathi;

“isaziso somphakathi” kushiwo isaziso sesicelo sokuthuthukisa umhlaba esishicilelwe ngesaziso ephephandabeni, ngokubekwa kwesaziso kuleso siza, ngokuhanjiswa kwesaziso kubanikazi abancikene, ngekhansela lesigceme noma kubanikazi abathintekayo esikhishwa ngenhloso yokuba kutholakale ukuphawula komphakathi;

“Umhleli wesiFunda” kushiwo umsebenzi oqokwe nguMasipala ukuba acubungule bese enquma ngezicelo zokuthuthukisa umhlaba obhalisiwe njengoMhleli Womhlaba;

“umhleli Womhlaba Obhalisiwe” kushiwo umuntu obhaliswe ngokusemthethweni njenge-professional planner noma i-technical planner njengoba kuchazwe kumthetho Wemisebenzi Yokuhlela Umhlaba, 2002 (uMthetho No. 36 ka 2002) njengoba uchitshiyelwe;

“ihhovisi lesifunda” kushiwo amahhovisi ezifunda ezinhlanu okuyisifunda iDurban Central, Durban North, Inner West kanye ne-Outer West;

“ukukhululwa” kushiwo isicelo sokuba umuntu akhululwe ekulandeleni imingcele yokwakha, esemaceleni noma engemuva njengoba inqume uhlelo lokusetshenziswa komhlaba;

“ukuthunyelelwa” kushiwo ukulethelwa isaziso, umyalelo noma omunye umbhalo ngokuhambisana noMthetho; kanti igama elithi**“ukuseva”** linencazelo efanayo;

“i-SPLUMA” kushiwo umthetho Wokuhlelwa Kwentuthuko Ngokwezindawo Nokulawulwa Kokusetshenziswa Komhlaba, 2013 (uMthetho No. 16 ka 2013);

“ihhovisi leSPLUMA” kushiwo ihhovisi likaMasipala okuyilona elihlaziya izicelo nazo zonke izindaba eziphathelele nezicelo kanye nokwedlulisa lizinqumo;

“ukuhlukaniswa iziqephu komhlaba” kushiwo ukuhlukaniswa iziqephu komhlaba ube yiziqephu ezimbili noma ngaphezulu;

“uMthetho Wezinhlelo” kushiwo uMthetho Wolulumeni Basekhaya Wezinhlelo Zomasipala, 2000 (uMthetho No.32 ka 2000);

“ilokishi” kushiwo umhlaba ohlukaniswe waba yizizaeziyi -11 noma ngaphezulu kanti kufakwa nezindawo ezivulekile ezizimele nezomphakathi kanye nemigwaqo njengoba kukhonjiswe epulanini ejwayelekile;

“uMkhandlu Womdabu” kushiwo uMkhandlu Womdabuwano yimuphi omhlaba ophethwe ngokwezinqubo zokuphathwa kwemimhlaba yamakhosi ongaphansi kwendawo kaMasipala waseThekwini kanti ufaka neNgonyana Trust Board lapho kufanele; futhi

“isiGungu” kushiwo isiGungu sikaMasipala Sezokuhlela esibunjwe ngokwesigaba 38 salo Mthetho kaMasipala.

Ukuhunyushwa koMthetho kaMasipala

2.Uma kunokushayisana phakathi kokushiwo yiloMthetho kaMasipala obhalwe ngesiNgisi nohunyushiwe, kuyolandelwa owesingisi.

ISAPHLUKO 2

IZINHLOSO ZOMTHETHO KAMASIPALA

Izinhloso zoMthetho kaMasipala

3. Izinhloso zalo Mthetho kaMasipala–

- (a) ukuhlinzekela iqoqo lamapulani elizolawula ukuthuthukiswa kwenhlalo, umnotho, umhlaba kanye nengqalasizinda kuMasipala;
- (b) ukuhlinzekela uhlaka olufanayo, olusebenzayo, oluphelele futhi oluhambisanayo lokuhlela umhlaba nokusingatha ukusetshenziswa komhlaba;
- (c) ukuhlinzekela ngezokuhlela ezifaka wonke umuntu, ezithuthukisayo, ezilinganayo futhi ezanele ngomoya wokubusa ngokubambisana;

- (d) ukuhlinzekela ngohlala lokubusa ngokubambisana nokwakha ubudlelwane phakathi kwemingcele yezokubusa nazo zonke izigaba zikahulumeni kanye nokuqinisekisa ukudidiyelwa kwezokuhlela phakathi kukaMasipala nalabo masipala owakhelene nabo;
- (e) ukuhlinzekela ngohlaka lwezinqubomgomo, imigomo, namazinga okuthuthukiswa kwendawo kanye nokusingatha kokusetshenziswa kwendawo;
- (f) ukuhlinzeka uhlaka lokwalusa, ukudidiyela kanye nokubuyekeza izinhlelo zokuthuthukisa nokusingatha ukusetshenziswa komhlaba;
- (g) ukulawula izicelo zokuthuthukisa umhlaba nezinqubo zokuthathwa kwezinqumo;
- (h) ukuhlinzekela ukusungulwa, imisebenzi kanye nokusebenza kwesiGungu Sezokuhlela sikaMasipala;
- (i) ukuhlinzekela ukuhlelwa nokusetshenziswa kwezindlela zokuthuthukiswa komhlaba;
- (j) ukuhlinzekela isigungu sokudlulisela Izinqumo;kanye
- (k) nokuhlinzekela izinhlawulo zokwephulwa kwezihlinzeko zalo Mthetho.

ISAPHLUKO 3

UKUSEBENZA KOMTHETHO KAMASIPALA

Ukusebenza koMthetho kaMasipala

4. Lo Mthetho kaMasipala usebenza kuwo wonke umhlaba ongena ngaphansi kwemingcele kaMasipala waseThekwini kanti ubophezela bonke abantu kukho konke okushoyo.

ISAPHLUKO 4

IMISEBENZI YOKUHLELA YAMAZINGA AMATHATHU KAHULUMENI

Ezokuhlela kumasipala

5. Ezokuhlela kuMasipala,ngokweSPLUMA, zifaka lokhu okulandelayo-

- (a) ukuhlanganisa, ukugunyazwa nokubuyekezwa kwama-IDP;
- (b) ukuhlanganisa, ukugunyaza nokubuyekeza izinhlelo ze-IDP ezibekwe ngokomthetho futhi ezingena ngaphansi kwemisebenzi kamasipala, okubandakanya uhlaka lwentuthuko ngokwezindawo kanye nohlelo lokusetshenziswa komhlaba; kanye

(c) nokulawula ukusetshenziswa komhlabaongaphansi kukamasipala lapho uhlobo, ubukhulu kanye nesimo sendawo singawathinti amandla kahulumeni wesifundazwe noma kazwelonke.

Ezokuhlela esifundazweni

6. Ezokuhlela esifundazweni, ngokweSPLUMA, zifaka lokhu okulandelayo–

- (a) ukuhlanganisa, ukugunyaza nokubuyekeza uhlaka lwesifundazwe lokuthuthukiswa komhlaba, ukugunyaza, ukubuyekeza kanye nokuqalisa izinhlelo zokusingatha ukusetshenziswa komhlaba;
- (b) ukuhlela kwesifundazwe kanye nokwenza kahle imisebenzi namandla abawanikwe ngokomthetho mayelana nokuthuthukiswa komhlaba kanye nezinguqukoekusetshenzisweni kwawo; kanye
- (c) nokwenza kanye nokubuyekeza izinqubomgomo nemithetho efanele ukuze kwenziwe imisebenzi yesifundazwe yezokuhlela.

Ezokuhlela kuzwelonke

7. Ezokuhlela kuzwelonke, ngokweSPLUMA, zifaka lokhu okulandelayo–

- (a) ukuhlanganisa, ukugunyaza kanye nokubuyekeza amapulani okuthuthukisa umhlaba kanye nezingubomgomo noma lokho okufana nakho, okubala uhlaka lukazwelonke lokuthuthukiswa komhlaba;
- (b) ukuhlela esigabeni sikazwelonke kanye nokwenza kahle imisebenzi kanye namandla abawanikwe ngokomthetho mayelana nokuthuthukiswa komhlaba kanye nokuguquka kokusetshenziswa kwawo; kanye
- (c) nokwenza kanye nokubuyekeza izinqubomgomo nemithetho efanele ukuze kwenziwe imisebenzi yezokuhlela kuzwelonke, okubandakanya izindlela ezakhelwe ukwalusa kanye nokweseka amanye amazanga kahulumeni ekwenzeni imisebenzi yawo yokuhlela indawo, ukusingatha ukusetshenziswa kwendawo kanye nokuthuthukiswa komhlaba.

ISAPHLUKO 5**UHLAKA LUKAMASIPALA LOKUTHUTHUKISWA KOMHLABA****Isimo soHlaka lukaMasipala Lokuthuthukiswa Komhlaba**

8. (1) Umthathisinqumo odingeka noma ojutshwe ukuba athathe izinqumo eziphathelene nokuthuthukiswa komhlaba ngokwalo Mthetho kaMasipala noma omunye umthetho ophathelene nokuthuthukiswa komhlaba, angeke akwazi ukuthatha isinqumo esingahambisani noHlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo: Kuncike ekutheni isiGungu singachezuka ezinhlinzekweni zoHlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo uma kunezimo ezihambisana naleso siza ezivumela ukuba kube nalokho kuchezuka.

(2) Izimo zesiza okukhulunywa ngazo esigatshaneni (1) zibala phakathi kokunye -

(a) lapho uMkhandlu kaMasipala wemukela ipulani yendawo kanti leyo pulani ima isazofakwa ohlelweni lokusetshenziswa komhlaba;

(b) kunohlelo olukhona lokusetshenziswa komhlaba noma kunamalungelo okusetshenziswa komhlaba angafanelekile kuleyo ndawo: Kuncike ekutheni uma lelo lungelo lokusebenzisa umhlaba angeke liphelelweyisikhathi sokusebenza kuleso siza esinezimo ezithile esikhathini esingangezinyanga eziyi -18 noma ngaphezulu.

(3) IsiGungu kumele sibheke umthelela ozoba khona kuleyo ndawo, izinsiza nokusebenziseka komhlaba uma sithatha isinqumo sokuchezuka ngenxa yezimo zesiza.

(4) UMasipala kumele agcine irejista equkethe ulwazi olumayelana nohlobo lokucheza kanye nezizathu zokuchezuka okwenzekile, maqondana nanoma isiphi isinqumo esithathiwe ukuze kuchezukwe ezinhlinzekweni zoHlelo lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo.

9. Ukulungiselela uHlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo

(1) UMasipala kumele alungise uHlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo—

(a) oluhumusha futhi oluveza umbono kaMasipala wokuthuthukisa izindawo;

(b) olususelwaohlelweni nasepulanini yesikhathi eside lokuthuthukisa izindawo;

(c) oluveza ukudidiyelwa kwazo zonke izinqubomgomo namapulani emikhakha efanele;

(d) oluhlahla indlela yokuthathwa kwezinqumo zezokuhlela nentuthuko kuzo zonke izigaba zikahulumeni;

(e) oluhlahlela uMasipala indlela uma uthatha noma iziphi izinqumo noma usebenzisa noma imaphi amandla onawo ngokweSPLUMA noma

ngokwanoma imuphi omunye umthetho ophathelene nokuhlelwa kwentuthuko ngokwezindawo nezinhlelo zokusingatha ukusetshenziswa komhlaba;

- (f) oluzosiza ekwakheni indlela ehleleke kahle yokuthuthukisa umhlaba;
- (g) oluhlinzeka ngolwazi olucacile futhi olutholakala kalula emphakathini nasemkhakheni ozimele futhi oluvula amathuba kwezokutshalwa kwezimali;
- (h) olufaka izindawo ezazincishwe amathuba, izindawo ezibuswa ngamaKhosi, imijondolo kanye nezindawo zamabhizinisi kahulumeni kanye nama-ejensi kahulumeni futhi olubhekelela ukufakwa nokudidiyelwa kwazo ezinhlosweni zendawo, umnotho, inhlalo kanye nemvelo zesigaba esifanele sikahulumeni;
- (i) olulungisa ukungalingani okukhona ekuthuthukisweni kwendawo okwadlalwa ubandlululo;
- (j) oluveza izinkinga ezingaba khona esikhathini eside ikakhulukazi ngenxa yezindlela ezithile zokukhula komphakathi nokuthuthukiswa komhlaba kanjalo nezinqubomgomo namasu afanele ukubhekana nalezo zinkinga;
- (k) oluhlinzeka ngomhlahlandlela wamasu entuthuko, ukutshalwa kwezimali kwingqalasizinda, ukukhuthaza ukusebenza kahle, ukugcineka kanye nokutshala izimali okuhleliwe kwayo yonke imikhakha bese kuhlonzwa nezindawo okumele zibekwe eqhulwini ukuze kutshalwe kuzo izimali futhi zithuthukiswe kuqala;
- (l) olukhuthaza isimo sokuthuthukiswa kwendawo esifanele nesingaqageleka ukuze kube khona ukwethembeka nokukhuthaza utshalomali;
- (m) oluhlonipha zonke izindlela ezikhona zokusingathwa kwendawo ezamukelwe isikhungo esifanele sokusingathwa kwezindawo;
- (n) oluzodala ukuba kusebenze imithetho nezinqubomgomo zikazwelonke emayelana nokusetshenziswa ngokucabangela ingomuso kanye nokuvikelwa kwezinsiza zezolimo; kanye
- (o) nolubheka, futhi lapho kufanele khona, lufake imiphumela yokubamba iqhaza okukhulu komphakathi okufaka ukuba yingxenye ngqo komphakathi ohlelweni ngokuba nemihlangano yomphakathi, imibukiso yomphakathi, izinkulumo mpikiswano zomphakathi kanye nokuxoxa ngalokhu emithonjeni yezindaba nangezinye izindlela ezikhuthaza lokho kubamba iqhaza ngo komphakathi.

(2)(a) Uhlaka Lokuthuthukisa Umhlaba olwenziwe ngumasipala kumele luhlelwe kahle, luncikane futhi luhambisane kahle nezinhlelo zokuthuthukisa umhlaba zesifundazwe nezikazwelonke.

(b) Uma uHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Umhlaba lwamukelwe njengokulandisa kweSPLUMA, kumele luhlahle indlela ngokusetshenziswa kwamandla noma ngokuthathwa kwanoma isiphi isinqumo esithathwa maqondana nesicelo sokuthuthukisa umhlaba.

(3) Uhlaka lukazwelonke lokuthuthukisa umhlaba kufanele lufake isandla futhi luveze lokho okuqukethwe yinqubomgomo namapulani entuthuko kazwelonke futhi ludidiyele bese luveza lokho okuqukethwe yizinqubomgomo namapulani kazwelonke okuvela emikhakheni eyehlukene kahulumeni omkhulu futhi lungafaka ngisho noma iluphi uhhlaka lwesifunda lokuthuthukisa umhlaba.

(4) Uhlaka lokuthuthukisa umhlaba lwesifundazwe kufanele lufake isandla futhi luveze lokho okuqukethwe inqubomgomo namapulani okuthuthukisa isifundazwe futhi ludidiyele bese luveza okuqukethwe yinqubomgomo namapulani avela emikhakheni eyehlukene kahulumeni wesifundazwe nokazwelonke njengoba kusebenza kulezo zindawo zesifundazwe.

(5) Uhlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo kufanele—

(a) lwenziwe njengengxenywe ye-IDP kaMasipala ngokuhambisana nezihlinzeko zoMthetho Wezinhlelo Zomasipala; futhi

(b) lusize ekudidiyeleni, ukuhlela, ukuncikisa futhi luveze lokho okuqukethwe yizinqubomgomo namapulani avela emikhakheni eyehlukene yamazanga kahulumeni njengoba isebenza endaweni kamasipala.

(6) IziNhlaka Zokuthuthukisa Indawo kumele zibeke ngokucacile ukuthi izinto zizolandelana kanjani ngokubaluleka kwazo, zinxexe, zilandelanise futhi ziqalise ukutshalwa kwezimali kwingqalasizinda yomphakathi neyomkhakha ozimele kanjalo nokuthuthukisa indawo kuqalwe ngalezo ezibekwe eqhulwini ngokwezinhlelo zokuthuthukisa indawo.

Okuqukethwe uHlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo

10. (1) Uhlaka lukaMasipala Lwentuthuko Ngokwezindawo kumele-

(a) luholele ekuqalisweni kwemigomo yezentuthuko;

(b) lufake izethulo zeminyaka emihlanu ezibhalwe phansi zokuthuthukisa umhlaba nepulani kaMasipala yesimo somhlaba;

(c) lufake isitatimende sombono wokuthuthukisa umhlaba esikhathini eside esizayo emhlabeni kamasipala esikhombisa iphupho lokukhula kwendawo nendlela yokuthuthuka komhlaba esikhathini esiphakathi kweminyaka eyishumi kanye nengamashumi amabili ezayo;

(d) luveze ukwakheka kwamanje nokwakheka kabusha kwesikhathi esizayo kwezingxenywe ezithilezomhlaba kaMasipala, okufaka ukwakhiwa kwemigwaqo nezinxanxathela zemigwaqo kanye nezizinda zomnotho lapho kuzobekwa eqhulwini futhi kukhuthazwe ukutshalwa kwezimali zikahulumeninezamabhizinisi ozimele;


(e) lufake izilinganiso zokukhula kwesibalo sabantu eminyakeni emihlanu ezayo;

- (d) lufake izilinganiso sokukhula kokudingeka kwezindlu emazingeni ehluken ezenhlalo nomnotho kanye nokuhlelwa kwendawo nokwakhiwa kwezindlu ezithothene esikhathini esizayo;
- (e) lufake izilinganiso zokuqhubeka komnotho kanye nesimo sokuqashwa kwabantu nezindawo kumasipala eminyakeni emihlanu ezayo;
- (f) lukhombe ubuningi bese luhlinzeka ngomsebenzi wezobunjiniyela nengqalasizinda ngokwezidingo zendawo lubhekelelwe izidingo zentuthuko zesikhathi esizayo esiyiminyaka emihlanu;
- (g) lukhombe izindawo eziklanywe njengezokuhlala, ezebhizinisi, ezokuhweba kanye nezezimboni lapho kungasebenza khona inqubomgomo yokufakwa kwezindlu kazwelonke neyesifundazwe;
- (h) lufake isu lokubheka ukucindezeleka kwendawo kanye namathuba endaweni engaphansi kukamasipala, okufaka nezindawo okumele zivikeleke ngokwemvelo, ezingase zibe ngezolimo kanye nalezo ezingelelela ngasogwini lolwandle uma zikhona;
- (i) lukhombe izindawo kuMasipala ezibonakala zizolungiswa ngamandla zithuthukiswe ukuze zikwazi ukuba zilawulwe ngokufanele;
- (j) lukhombe izindawo okumele —
- (i) zenzelwe amapulani angcono anemininingwane; kanye
 - (ii) nalezo okungasebenza kuzo izinqubo ezinqindawo zokusebenzisa umhlaba ukuze nezinhlelo zokusebenzisa indawo nazo zizochitshiyelwa;
- (m) luveze izidingo zendawo, ukuhlela, ukuncika kanye nokudidiyela izinqubomgomo zemikhakha eyehluken kuyo yonke iminyango kamasipala;
- (n) lunqume izindleko zamaphrojekthi amakhulu ezinhlelo zikamasipala zentuthuko njengoba zikhonjiswe ngokwezindawo;
- (o) lunqume inhloso, nomthelela odingekayo kanye nokuma kohlelo lokusingatha ukusetshenziswa kwendawo okumele lusebenze endaweni kamasipala; futhi
- (p) lufake uhlelo lokuqalisa lokhu olufaka—
- (i) izidingo zomkhakha ngamunye okubalwa isabelomali nezinsiza zokuqalisa izinhlelo ezifanele;
 - (ii) izichibiyelo ezifanele zohlelo lokusetshenziswa kwendawo;
 - (iii) imigomo kamasipala edingekayo ukuze kuqaliswe izinhlelo;
 - (iv) imigomo yamathagethi okwenziwa komsebenzi, okufaka izinsuku, izinkomba zokwalusa; kanye
 - (v) nemigomo, lapho kufanele, yamalungiselelo okubambisana uma sekuqaliswa izinhlelo.

Iqoqo lamapulani

11. (1) UMnyango wakwa Development Planning kuMasipala kufanele wenze wonke amapulani ayingxenye yoHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo.

(2) Iqoqolamapulani kaMasipala njengoba ibekwe esithombeni esingezansi:



(3) UHlaka Lwentuthuko Yesikhathi Eside luhlinzeka ngamasu nezinhloso zikaMasipala zezendawo, umnotho kanye nezenhlalo ukuze kusize uma esekhetha amasu akhe ezentuthuko.

(4) I-IDPihlinzeka ngamasu okuqaliswa kwezinhlelo ngokubaluleka kwazo kuMasipala.

(5) UHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo luhlinzeka ngezinhloso zikaMasipala eziphusile zokuthuthukisa indawo ezakhelwe phezu koHlaka Lwentuthuko Yesikhathi Eside kanye no-IDP futhi-

- (a) lweyamanisa izinjongo zikaMasipala zokuthuthukisa indawo; amasu kanye nezinqubomgomo nemigomo efanele kazwelonke neyesifundazwe, amasu kanye nezinqubomgomo;
- (b) luhlinzeka ngombono wesikhathi eside wokuthi uMasipala ufisa ukubona hlobo luni lwendawo nezakhiwo;
- (c) luhlahla indlela yeziphakamiso eziqukethwe emaPlanini Okuthuthukisa Indawo aveza isikhathi esifushane kanjalo nokulungiselelwa kwamapulani endawo;

- (d) lusiza ekuhlelweni, ukubeka eqhulwini kanye nokuncikisa izimali zomphakathi ngokuhambisana ne IDP;
- (e) lukhomba izindawo ezingafanele ukuba zithuthukiswe lapho umthelela wokuthuthukisa lezo zindawo udinga ukuba usingathwe ngendlela;
- (f) luhlinzeka ngomhlahlandlela wenqubomgomo ezosiza ekuthathweni kwezinqumo azimayelana nohlobo, isimo, ubungako kanye nendawo okuzokwenziwa kuyo intuthuko edolobheni, ukuguquka kokusetshenziswa kwendawo, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda, ukubhekana nezimo eziyizibhichongo kanye nokuvikelwa kwemvelo; futhi
- (g) lukhuthaza ukucabangela umphakathi.

(6) Ipulani yendawo iyipulani eneminingwane yendawo ehlinzeka-

- (a) ngokuhlela uqobo nokulungisa ukusetshenziswa kwezindawo, ezokuthutha, imvelo kanye nengqalasizinda kube kulelo zinga elihambisana nohlelo lokusetshenziswa kwendawo;
- (b) ukufakwa kwemiyalelo yokuhlela nokudizaywa kwezindawo zasemadolobheni zikahulumeni kanjalo nezinabaninizo
- (c) Iphulani yokuthuthukiswa kwendawo, lapho kuafnelekile, okubalwa nezindawo eziyisipesheli ngokwezemvelo, ezomnotho kanye namagugu
- (d) iPulani Yendawo Eyiisipesheli, lapho kufanele, equkethe-
 - (i) imiyalelo yokuhlela indawo, okubalwa nezindawo ezibalulekile kwezemvelo, ezomnotho kanye namagugu;
 - (ii) imiyalelo eneminingwane yamadizayini ezindawo ezisedolobheni noma iziphakamiso; kanye
 - (iii) nokufakwa kokuqaliswa kweziphakamiso.

(8) Uhlelo lokusetshenziswa kwendawo luhlinzekela ngemithetho yokulawula ukuklama nentuthuko futhi luyithuluzi elineminingwane yokusingatha ukusetshenziswa kwendawo bese luhlinzeka nangokwabiwa kwamalungelo okuthuthukisa indawo emhlabeni kahulumeni kanye nakulowo wabantu abazimele.

(9) Izimiso zokuma kwezakhiwo ziyipulani engafaka-

- (a) iminingwane yaleso siza futhi ifakanesithombe eziveza zonke izinhlangothi; kanye
- (b) nomyalelo wendlela yokwakha, okungafaka lokhu nangaphezulu, ubukhulu, ubungako bephansi, indawo yokupaka kanye nokutshala.

Ukwamukelwa koHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo

12. (1) UMasipala kumele enze futhi amukele uHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo oluhambisana nemigomo ye SPLUMA.

(2) UHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo kumele lwenziwe njengengxenywe yoHlelo lukaMasipala Lwentuthuko Edidiyele ngokuhambisana nezihlinzeko zoMthetho Wezinhlalo Zomasipala.

(3) UMasipala ngesikhathi elungiselela ukwamukelwa koHlaka lwakhe Lokuthuthukisa Indawo, kumele aqinisekise ukuthi uHlaka lwakhe Lokuthuthukisa Indawo luyahambisana nezinhlaka zokuthuthukisa indawo zikazwelonke nezesifundazwe.

(4) Ngaphambi kokwamukelwa koHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo okukhulunywe ngako esigatshaneni (1) kanye nanoma ikuphi ukuchitshiyelwa okuhlongozwayo oHlakeni lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo, uMkhandlu kumele—

- (a) ukhiphe isaziso ngalolo Hlaka oluhlongozwayo lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo emaphephandabeni aziwayo;
- (b) umeme umphakathi ukuba ulethe izethulo ezibhalwe phansi mayelana noHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo oluhlongozwayo uzithumele eMkhandlwini zingakapheli izinsuku ezingama -60 emva kokukhishwa kwaleso saziso okukhulunywe ngaso endimeni (a); futhi
- (c) acubungule zonke izethulo azitholile mayelana noHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo oluhlongozwayo.

(5) UMkhandlu ngokufaka isaziso *kwiGazethi Yesifundazwe* kanye nasemaphephandabeni aziwayo kumele amukele uHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo.

(6) UHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo kumele luveze izinhloso zoHlelo Lwentuthuko Edidiyele futhi luhlinzeke ngohlaka lokwakhiwa kwezindawo.

(7) UMasipala ngemizamo yakhe angaveza imigomo yakhe yezentuthuko ngokuchibiyela uHlaka lwakhe Lokuthuthukisa Indawo.

(8) UMasipala angabuyekeza uhlelo lwakhe lokusetshenziswa kwendawo ukuze kube nenhlalanjalo oHlelweni lwakhe Lokuthuthukisa Indawo, futhi lokhu kumele akwenze njalo eminyakeni emihlanu.

ISIAHLUKO 6

UHLELO LOKUSETSHENZISWA KOMHLABA

Isinqumo sokwenza uhlelo lokusetshenziswa komhlaba

13.(1) UMkhandlu kumele wamukele isinqumo sokuqala ukulungiselela uhlelo lokusetshenziswa kwendawo lapho lungekho khona uhlelo lokusebetshenziswa kwendawo.

Ukulungiselela uhlelo lokusetshenziswa komhlaba

14.(1) UMasipala, emva kokuxhumana nomphakathi, kumele amukele uhlelo lokusetshenziswa komhlaba wazo zonke izindawo ezingaphansi kwakhe ingakapheli iminyaka emihlanu kuqale umthetho we SPLUMA.

(2) Ngaphambi kokwamukela uhlelo lwedolbha lokusetshenziswa komhlaba okukhulunywe ngakho esigatshaneni(1) futhi ngaphambi kokwenza noma iziphi izichibiyelo ezihlongozwayo ohlelweni lwedolobha lokusetshenziswa komhlaba, uMasipala kumele-

(a) afake isaziso kumaphephandaba amabili salolo hlelo lwedolobha lokusetshenziswa komhlaba oluhlongozwayo;

(b) ameme umphakathi ukuba wenze izethulo ezibhalwe phansi mayelana nalolo hlelo lwedolobha lokusetshenziswa komhlaba uzibhekise kuMasipala zingakapheli izinsuku ezingu 60 kusukela osukwini okushicilelwe ngalo lesa saziso okukhulunywe ngaso endimeni (a); fithi

(c) acubungule zonke izethulo azitholile mayelana nalolo hlelo lokusetshenziswa komhlaba oluhlongozwayo.

(3) UMasipala kumele azise umphakathi ngokuafaka emaphephandabeni amabili izaziso ezimayelana nokwamukelwa kohlelo lwedolobha lokusetshenziswa komhlaba.

(4) UMasipala, ngesikhathi enza umsebenzi wakhe ngokwalo Mthetho kaMasipala, kumele avumele ukubamba iqhaza kweMikhandlu yaMakhosi ngendlela okuvunyelenwe ngayo phakathi kukaMasipala neMikhandlu yaMakhosi.

(5) Uhlelo lokusetshenziswa komhlaba kufanele lufake izigaba ezifanele zokuklanywa komhlaba kanye nemithethonqubo yayo yonke indawo kamasipala okufaka nezindawo ezingabanga neziphikiso ohlelweni lokusetshenziswa komhlaba.

(6) Ngaphezu kwezihlinzeko zesigatshana (5), lezi zinto ezilandelayo ziyosebenza njengezizathu zokwamukelwa kohlelo lokusetshenziswa komhlaba-

- (a) noma yini yokusingatha ukusetshenziswa kwemvelo eyamukele isikhungo esifanele sezemvelo;
 - (b) ukufakwa kwezihlinzeko ezikhuthaza ukufakwa kohlelo lwezindlu ezingambi eqolo lapho kwakhiwe khona izindlu zokuhlala;
 - (c) ukufakwa kwezibonelelo zokusetshenziswa komhlaba nentuthuko ukuze kukhuthazwe ukulandelwa ngendlela kwenqubomgomo yezentuthuko noHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo;
 - (d) ukufakwa kwezihlinzeko zokusetshenziswa komhlaba nentuthuko ukuze kukhuthazwe ukulandelwa ngendlela kwezinqubomgomo zikazwelonke nezesifundazwe;
 - (e) nezihlinzeko zoHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo kanye ne-IDP; kanye.
 - (f) nanoma imiphi imithetho noma izimiso ezibekwe uMkhandlu weNkosi yakuleyo ndawo ethintekayo
- (7) Uhlelo lokusetshenziswa komhlaba lungafaka izihlinzeko ezimayelana—
- (a) nezidingo ezithile eziqondene ngqo nanoma iyiphi indawo eyisipesheli ehlonzelwe ukufeza izidingo zikaMasipala zezentuthuko; kanye
 - (b) nokwahluka kwemibandela yohlelo lokusetshenziswa komhlaba ngale kokwahluka okungase kuguqule kakhulu noma kuphazamise imibandela eqondene nokusetshenziswa, ubukhulu kanye nobungako bamabhilidi nokucinana kokusetsneziswa komhlaba.

Inhloso nokuqukethwe uhlelo lokusetshenziswa komhlaba

15. (1) Uhlelo lokusetshenziswa komhlaba kumele luhambisane futhi lungehluki oHlakeni lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo futhi lunqume ngokusetshenziswa kanye nokuthuthukiswa kwendawo engaphansi kukamasipala oluqondene nalo ukuze kukhathazwe—

- (a) ukukhula kwezomnotho;
- (b) ukufakwa komphakathi;
- (c) ukuthuthukiswa kwendawo okufanele
- (d) nomthelela ongatheni empilweni yomphakathi, imvelo kanye nemithombo yemvelo; kanye
- (e) nemigomo yezentuthuko

(2) Uhlelo lokusetshenziswa komhlaba kufanele lufake—

(a) imithetho yohlelo ebeka izinqubo kanye nemibandela eqondene nokusetshenziswa kanye nokuthuthukiswa kwendawo kunoma uluphi uhlobo lomklamo;

(b) ibalazwe eliveza ukuklanywa kwendawo kamasipala ngokuthi izosetshenziselwa yiphi inhloso; kanye

(c) nerejista yazo zonke izichibiyelo ezenziwe ohlelweni lokusetshenziswa komhlaba.

(3) Uhlelo lokusetshenziswa komhlaba kumele luveze futhi luhambisane nemigomo yezentuthuko.

Umthelela wezomthetho wohlelo lokusetshenziswa komhlaba

16. (1) Uhlelo lokusetshenziswa komhlaba olwamukelwe—

(a) luphoqelela ngokomthetho kanti bonke abanikazi bomhlaba nabasebenzisi bomhlaba, okubala ngisho uMasipala kanye namanye amazanga nezinhlaka zikahulumeni, ezingaphansi kwendawo kamasipala babophezelwe izihlinzeko zalolo hlelo lokusetshenziswa komhlaba;

(b) lungena esikhundleni sazo zonke ezinye izinhlelo ebezikhona kuleyo ndawo kamasipala okusebenza kuyo uhlelo lokusetshenziswa komhlaba; futhi

(c) luhlinzekela ngamalungelo okusetshenziswa nokuthuthukiswa komhlaba.

(2) Umhlaba ungasetshenziselwa kuphela inhloso evumelekile—

(a) ngokohlelo lokusetshenziswa komhlaba;

(b) ngokohlelo lwedolobha, kuze kube lolo hlelo selukhishwe uHlelo Lokusetshenziswa Komhlaba; noma

(c) ngokwesigatshana(3).

(3) Lapho lungekho uhlelo lokuhlelwa kwedolobha noma uhlelo lokusetshenziswa komhlaba olusebenzayo kuleso siqeshana somhlaba, ngaphambi kokuba kuvunywe futhi kwamukelwe uhlelo lokusetshenziswa komhlaba, lowo mhlaba ungasetshenziswa kuphela-

(a) ngokuhambisana nemvume eyakhishwa ngokwesigaba 11(2) se Town Planning Ordinance, 1949 (uMthetho No. 27 ka 1949);

(b) noma ngokwemvume eyakhishwa ngokwanoma imuphi umthetho ofanele;

(c) ngokwendlela eyayisebenza ngaphambi koba khona kohlelo lwedolobha; noma

(d) ngokokusetshenziswa kwayo okungahambisani nendawo okukhona njengamanje.

(4) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (1)(b), noma iyiphi indawo eyayisetshenziswa ngokusemthethweni ngaphambi kokwamukelwa kohlelo lokusebenzisela indawo leyo nhloso engahambisani nohlelo lokusebenzisa indawo ingaqhubeka nokusthezniselwa leyo nhloso.

(5) Uma ukusetshenziswa komhlaba okukhulunywe ngakho esigatshaneni (4) kumiswa isikhathi esingaphazamisekile esiyizinyanga eziyi -18, leyo ndawo angeke isasetshenziselwa leyo nhloso.

(6) Uhlelo lokusetshenziswa komhlaba olwamukelwa kumele lubhekane futhi luxazulule noma ikuphi ukushayisana nohlelo olukhona phakathi kohlelo olungachithiwe noma lwakhishwa uhlelo olusha lokusetshenziswa komhlaba.

Ukuchitshiyelwa kwemingcele kamasipala

17.(1) Lapho imingcele yendawo kamasipala iguqulwa, omasipala abathintekayo kumelengokuxhumana bodwa, bachibiyele izinhlelo zabo zokusetshenziswa komhlaba ngokufanele; futhikuze kube lezo zichibiyelo ziyenziwa, izihlinzeko zohlelo lokusetshenziswa komhlaba ezikhona ziyaqhubeka nokusebenza ngendlela ebezisebenza ngayo ngaphambi kokuguqulwa kwemingcele, kanti umasipala othathe lezo zindawo kumele abhekane nejoka lokuyiphoqelela.

Ukuchitshiyelwa kohlelo lokusetshenziswa komhlaba nokuklama kabusha

18.(1) UMasipala, emva kokuxhumana nomphakathi okukhulunywe ngakho esigabeni 14(2), ungachibiyela uhlelo lwakhe lokusetshenziswa komhlaba uma isichibiyelo—

- (a) sizosiza umphakathi;
- (b) sizosiza imiphakathi eyayincishwe amathuba ngaphambilini; kanye noma
- (c) sizozqhubezela phambili umbono nezinhloso zezentuthuko zikaMasipala.

(2) Ngale kwezihlinzeko sesigatshana (1), uMasipala, emva kokuxhumana nomphakathi okukhulunywe ngakho esigstahaneni 14(2) angachibiyela uhlelo lwakhe lokusetshenziswa komhlaba ngokuklama kabusha noma imuphi umhlaba odingekayo ngokukaMasipala ukuze afeze izinhloso zakhe zezentuthuko nezinhloso zoHlaka lukaMasipala Lokuthuthukisa Indawo.

(3) Noma iluphi uguquko ohlelweni lukaMasipala lokusetshenziswa komhlaba oluthinta imithetho yalolo hlelo, lungagunyazwa nguMkhandlu kuphela.

(4) Noma ikuphi ukwedlulisela isinqumo soMkhandlu okwenzekalayo njengoba kuchazwe esigatshaneni (3) kumele kunqunywe Isigungu Sokwedlulisela Izingqomo.

Ukubuyezwa nokwaluswa kohlelo lokusetshenziswa komhlaba

19.(1)UMasipala angabuyekeza futhi eluse ngaphakathi ukusebenza kohlelo lwakhe lokusetshenziswa komhlaba njalo ngonyaka ngokuhambisana nesigaba 14(2), futhi achibiyele uhlelo lwakhe lokusetshenziswa komhlaba.

(2) UMasipala, njengokuyalela komthetho we SPLUMA noma ngokwanoma imuphi umthetho wesifundazwe, kumele athumele uhlelo lwakhe lokusetshenziswa komhlaba olwamukelwe nguMkhandlu kuNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natali ukuze aluse ukusebenza kukaMasipala.

Irekhodi lokuchitshiyelwa kohlelo lokusetshenziswa komhlaba

20.(1) UMasipala kumele enze futhi agcine irekhodi lazo zonke izicelo ezithunyelwe kanye nezizathu zezinqumo ezathathwa mayelana nalezo zicelo zokuchibiyela uhlelo lwakhe lokusetshenziswa komhlaba.

(2) Amarekhodi abhaliwe okukhulunywe ngawo esigatshaneni (1) kumele atholakale kumalungu omphakathi ngezikhathi zokusebenza ezejwayelekile emahhovisi amakhulu kaMasipala.

ISAPHELA 7

IZICELO ZOKUTHUTHUKISA UMHLABA

Izicelo zokuthuthukisa umhlaba

21. (1) Akukho muntu ongaqala, enze noma aqhubeke nanoma ikuphi ukuthuthukisa noma imuphi umhlaba ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi kaMasipala.

(2) Zonke izicelo zokuthuthukisa umhlaba kumele zithunyelwe kuMasipala, njengesiphathimandla sokuqala.

(3) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (2) ngenhla, lapho isicelo noma sidingeka ngokwanoma umuphi omunye umthetho oqondene nokusetshenziswa komhlaba, leyo mvume kumele icelwe ngokwalowo mthetho futhi sihambisane nesicelo esithunyelwe kuMasipala.

(4) Isicelo sokuthuthukisa indawo singathunyelwa-

- (a) umnikazi;
- (b) umuntu omele umnikazi noma onelinye igunya;
- (c) umuntu onikwe umhlaba ukuba awuthuthukise futhi onencwadi ayinikwe uhlaka lukahulumeni noma ayinikwe yilowo muntu ogunyazwe yi-ejenti; kanye
- (d) nomhlinzeki wamasevisii onomsebenzi wokuhlinzeka ngengqalasizinda kanye nanoma imiphi eminye imisebenzi efana nalo.

(5) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (4), zonke izicelo eziyisigaba 2, nesigaba 3 kanye nezimvume eziyisipesheli kungathunyelwa kuphela ngumuntu osemthethweni emkhakheni wezokwakha, obhalisiwe ebhodini elengamele lowo mkhakha wakhe, noma umuntu owakumukelwe ukuba asebenze ngokusemthethweni ngokoMthetho Wezabammeli (Attorneys Act, 1979 (uMthetho No. 53 ka 1979) noma njengommeli wasemajajini ngokoMthetho Wabammeli Basemajajini (Advocates Act), 1964 (uMthetho No. 74 ka 1964) njengoba uchitshiyelwe.

(6) UMasipala uyokwamukela, acubungule bese ethatha isinqumo kuphela nezicelo ezinalo lonke ulwazi, imibhalo ehambisana naso futhi sekukhokhwe nemali ebekiwe yokufaka izicelo.

(7) Noma imuphi umuntu ofisa ukuqala umsebenzi wokuthuthukisa indawo emhlabeni ongaphandle kohlelo lokuthuthukisa indawo, kanti leyo ntuthuko ingena ngaphansi kwesicelo esiyisigaba 2, 3, noma 4 kumele athumele-

- (a) isicelo sokuthuthukisa indawo ukuze kunwetshwe imingcele yokusebenza kohlelo lapho kufanele, isicelo sokuklama kanye nobufakazi kwanoma ikuphi ukugunyazwa akuthola ngokwesigaba 11(2) se Town Planning Ordinance, 1949 (uMthetho No. 27 ka 1949), kanye
- (b) nanoma iyiphi enye imvume ayithola ngokwanoma imuphi omunye umthetho ofanele noma obunye ubufakazi obufanele.

(8) Ngaphambi kokuthunyelwa kwesicelo sokuklama okukhulunywe ngaso esigatshaneni (7), kufanele kutholakale imvume, uma idingeka, ngokoMthetho Wokuhlukaniswa Komhlaba Wezolimo i-Subdivision of Agricultural Land Act, 1970 (uMthetho No. 70 ka 1970).

Uphenyo ngezokuhlela

22.(1) UMasipala angaxhumana nomfakisicelo ukuze ameluleke noma amyalele nganoma iziphi izidingo, izinqubo kanye nanoma yini enye ephathelene nokuthunyelwa kwesicelo sokuthuthukisa umhlaba, okubala ngisho ukuthi isicelo sithinta uhulumeni kaZwelonke noma wesiFundazwe.

(2) Umfakisicelo kudingeka ukuba athole wonke amagunya kunoma iliphi izinga likahulumeni kanye nezimvo zeminyango ethintekayo ngaleso sicelo sokuthuthukisa indawo uma ngokubona kukaMasipala kufanele enze njalo.

(3) Umphumela walokhu kuxhumana okukhulunywe ngakho esigatshanane (1) asiqinisekisi ukuvunywa kwesicelo sokuthuthukiswa kwendawo.

Ukuthunyelwa kwesicelo sokuthuthukisa umhlaba

23.(1) Isicelo sokuthuthukisa umhlaba kumele sihanjiswe kuMasipala ngokugcwalisa ifomu elifanele bese lisayinwa futhi lifakwe nosuku ngumfakisicelo.

(2) Isicelo sokuthuthukisa umhlaba kufanele, lapho kufanelekile, siphelkezelwe-

- (a) ubufakazi bobuninimhlaba;
- (b) imvume yomnini webhondi noma abanini bebhondi noma ubufakazi bokuthi ayikho ibhondi ebhalisiwe ngalowo mhlaba;
- (c) incwadi ecacisa ukuthi kungani kufanele kubhekwe leso sicelo;
- (d) ikheli okungathunyelwa kulo izaziso noma kusevwe kulo imibhalo, okubala ikheli lendawo, ifeksi noma imeyili; kanye
- (e) nesiqinisekiso esibhalwe phansi esiphuma kumfakisicelo sokuthi akukho ukudluliswa kwesinqumo okusalindiwe maqondana nokugunyazwa kwaleso sicelo asifiakile

(3) Isicelo sokuthuthukisa umhlaba kufanele, lapho kufanelekile siphelkezelwe yile mibhalo ebalulwe lapha ngezansi ngendlela leyo mibhalo edingeka ngayo maqondana naleso sicelo:

- (a) ikhophi eqinisekisiwe yencwadi yokudlulisa amandla okusayina;
okwenziwayo ngokomunye umthetho, bangasebenzisa amandla abo ngokuhlanganyela ngokukhipha—

- (a) izimvume ezihlukene; noma
 - (b) izimvum ezihlanganisiwe.
- (2) Izimvume ezihlanganisiwe okukhulunywe ngazo kwisigatshana (1)(b)zingakhishwakuphela uma—
- (a) izihlinzeko ezifanele zayo yonke imithetho efanele sezithotshelwe; futhi
 - (b) imvume ehlanganisiwekubalula—
 - (i) ukuthi ikhishwe ngaphansi kwaziphi izinhlinzeko; kanye
 - (ii) nezikhungo ezifanele ezikhiphe leyo mvume.

ISAHLUKO 12

UKWEDLULISWA KWEZIKHALO

Isigungu sokudlulisela Izinqumo

55. (1) Isigungu Esiphezulu isona esiyiSigungu Sokudlulisela Izinqumo ngokwalo Mthetho kaMasipala.

(2) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (1), uMasipala esikhundleni sesiGungu sakhe Esiphezulu, ungakwazi ukugunyaza ukuthi isigungu noma isikhungo esingaphandle kukaMasipala senze umsebenzi weSigungu Sokudlulisela ilzinqumookungaba yiwo wonke umsebenzi wesigungu noma maqondana nokwedlulisa isinqumo okuyisipesheli noma maqondana nesigaba esithile sokwedlulisa isinqumo.

(3) Isigungu Esiphezulu okukhulunywe ngaso esigabeni (1) singadlulisa amandla aso okulalela izigaba ezithile zokwedluliswa kwezikhalo kwabasezikhundleni zezepolitiki, ekomidini, kubasebenzi noma kwiphaneli yabasebenzi njengokuyalela kwesigababa 56 se SPLUMA.

(4) Lapho Isigungu Esiphezulu sidlulise amandla aso njengoba kuchazwe esigatshaneni (2) noma (3), izihlinzeko zalesi Sahluko zisebenza ngokufanayo nakuleso sikhungo okudluliselwe kuso umandla maqondana nokusebenza kwaso njengeSigungu Sokwedlulisela Izinqumo.

Amandla esiGungu Sokwedulisela Izingumo**56. IsiGungu Sokudlulisela Izingumo -**

- (a) singavumanoma siphikise ukudluliswa Kwesinqumo bese sibeka noma imiphi imibandela mayelana nodabala olwedlulisiwe;
- (b) singathatha noma isiphi isinqumo esifanele mayelana nazo zonke izindaba eziphathelene nokwenziwa komsebenzi waso ngokwalo Mthetho kaMasipala;
- (c) singenza noma iluphi uphenyo oludingekayo;
- (d) singathatha isinqumo mayelana nanoma yini eyenzeka endaweni engaphansi kwaso;
- (e) singaphoqa nanoma ngubani ukuba avele ngaphambi kwaso;
- (f) singathola ubufakazi noma umbono kangoti; ngemizamo yaso
- (g) singayalela noma ikuphi ukwahluleka kwanoma iluphi uhlangothi ekudlulisweni kwesinqumo ukuba luthobele imiyalelo enikezwa Isigungu Sokudlulisela Izingumo;
- (h) singahlehlisa udaba isikhathi esifanele ukuze kutholakale ubufakazi noma iseluleko.

Ukudalula ukuthinteka**57. (1) Ilungu leSigungu Sokudlulisela Izingumo-**

- (a) kufanele lidalule ngokuphelele noma ikuphi ukuthinteka kwalo kanye nanoma ikuphi ukuthinteka okungase kube khona kunoma iluphi udaba okubele lulubheke; futhi
- (b) akufanele lithamele umhlangano noma livote konoma imuphi umhlangano wesigunguoqondene nanoma yiluphi udaba oluhlangene nokuthinteka kwalo.

(2) Ngokwalesi sigaba, ilungu liyathinteka uma-

- (a) ilungu uqobo noma ilungu lomndeni walo, uphathina noma uzakwabo ebhizinisini engumfakisicelo ngokwalo Mthetho kaMasipala, noma enokunye ukuthinteka nje odabeni oludingidwa yiSigungu Sokwedlulisa Izingumo; noma
- (b) ilungu linokunye nje ukuthinteka okungalivimba noma okubonakala kungalivimbaekwenzeni imisebenzi yalo ngendlela enobulungiswa, engachemi futhi efanele.
- (c) Ilungu laliyilungu lesiGungu ngenkathi kuthathwa isinqumo noma lalingumthathizingumo owathatha lesi sinqumo;

- (d) Ilungu like laba ingxenywe yodaba ezingeni elihlukile, okubandakanya ukuba ngumeluleki, ungoti, noma ufakazi; noma
- (e) Ilungu, noma ilungu eliseduze lomndeni walo, umlingani walo ebhizinisini uxhumane nanoma yimuphi umuntu ophikisana nesicelo.

Amandla namajoka kasihlalo

58. Amandla namajoka kasihlalo abandakanya phakathi kokunye—

- (a) ukubamba inkundla yokulalela isicelo ngendlela enobulungiswa nengachemile;
- (b) ukuthatha izinqumo ezifanelekile ukuze kugwemeke ukubambezeleka ekulalelweni kwezicelo;
- (c) ukugcina isimo silungile;
- (d) ukulawula ukufungisa kanye nokuqinisekisa;
- (e) ukwamukela noma ukunqaba ubufakazi kanye nokwamukela imibhalo edingekayo, efanelekile kanjalo nezama ukucacisa;
- (f) ukubeka indlela uhlelo lokulalela oluzoqhubeka ngayo kanjalo nendlela yokuziphatha kwezinhlangothi zonke kanye nalabo ababamele;
- (g) ukulalela nokukhipha izinqumo ngomlomo noma ezibhaliwe, ekupheleni kwayo yonke inqobo nokunye okungavela uma kunokuvumelana ekulalelweni;
- (h) ukukhipha isinqumoesifungqiwe esithathiwe;
- (i) ukusayina isaziso ngesinqumo;
- (j) ukuqinisekisa noma ukuhlehlisa udaba; kanye
- (k) nokukhipha uhlangothi oluthile, umuntu othile, noma omele uhlangothi oluthile ophula umthetho ekubeni ingxenywe yokulalelwa kodaba ngesizathu esizwakalayo esibhalwe phansi.

Ukuziphatha kwesiGungu Sokwedlulisela Izinqumo

59. Ukuziphatha kwesiGungu Sokwedlulisela Izinqumo ekulalelweni kodaba kumele kungachemi futhi kumele kungacindezeli noma kubhebhezele okufunwa inoma iluphi uhlangothi enkundleni yokulalelwa udaba.

Ukudluliswa Kwesinqumo

60. (1) Umuntu omalungelo akhe ayathinteka ngesinqumo esithathwe umthathizinqumo ngokwalo Mthetho kaMasipala angafaka isicelo sokudlulisela lesi sinqumo ngokufaka Isaziso

Sokudlulisa Isinqumo esihamba nemali enqunyelwe lokho asibhekise kwiMenenja kaMasipala zingakapheli izinsuku ezingama-21 kuphume isaziso ngesinqumo.

(2) Umuntu omalungelo akhe ayathinteka ngezihlinzeko zesigatshana (1) kubandakanya -

- (a) umfakisiselo;
- (b) uMasipala lapho umhlaba othintekayo ukhona; kanye
- (c) noma imuphi umuntu onentshisekelo owaphikisa noma owayenelungelo lokuphikisa ngesikhathi kunohlelo lokubamba iqhaza komphakathi okungalindeleka ukuthi athinteke ngomphumela wohlelo lwesicelo sokuthuthukiswa komhlaba.

(3) Umphikisi ngezinhloso zesigatshana 2(c) kumele kube umuntu othinteka ngokwezimali noma ngokwebhizinisi othinteka kakhulu noma ongaveza isithombe sokuthi uzothinteka kakhulu ngesinqumo sikamthathizinqumo mayelana naleso sinqumo.

(4) Umuntu ofake isicelo sokudlulisa isinqumo kwiMenenja kaMasipala kumele futhi anikeze Isaziso Sokudlulisa Isinqumo kumfakisiselo, kunoma imuphi umuntu onikezwe isikhundla sokuba umngeneleli kanye nakunoma imuphi umuntu ofake isiphikiso mayelana nesicelo sokuthuthukiswa kwendawo lapho kufanelekile.

(5) Noma imuphi umuntu othunyelwe Isaziso Sokudlulisa Isinqumo njengoba kuchazwe kwisigatshana (4) angaphikisa ukudluliswa kwesinqumo ngokuthumela Isaziso Sokuphikisa Ukudlulisa Isinqumo kuMasipala ngendlela ebekiwe futhi zingakapheli izinsuku ezingama-21 ethole Isaziso Sokudlulisa Isinqumo.

(6) Isicelo sokudlulisa isinqumo singeke safakwa ngokwesigaba 26 soMthetho weziNhlelo Zomasipala.

Ukufinyelela kumarekhodi

61. Noma ngubani odinga ukufinyelela kumarekhodi noma imibhalo ephathelene nesicelo sokuthuthukiswa kwendawo kumele afake isicelo esibhalwe phansi.

Isaziso sokwedlulisa isinqumo

62. (1) Isaziso Sokwedlulisa Isinqumo kumele sigcwaliswe ngokuphelele bese siyasayinwa, siphinde sihambisane nolwazi olufanele, imibhalo kanye nemali enqunyelwe lokho.

(2) Isaziso Sokwedlulisa Isinqumokanye Nezasizo Zokuphikisa Ukudluliswa Kwesinqumo kumele sibeke izizathu okususelwa kuzo isicelo sokudlulisa isinqumo.

Ukuhlolwa kokuqala kwesicelo sokwedlulisa isinqumo

63. (1) IMenenja kaMasipala kufanele zingakapheli izinsuku ezinhlanu zesikhathi esibekelwe ukufaka Isaziso sokuphukisa Ukwedluliswa Kwesinqumo athumele yonke imibhalo eqondene nokwedluliswa kwesinqumo ayibhekise eSigungwini Sokwedlulisela Izingqimo.

(2) ISigungu Sokwedlulisela Izingqimo uma sithola yonke imibhalonjengoba kuchazwe sigsthaneni (2) singabuka imibhalo ukuthola ukuthi-

- (a) isaziso sokwedlukisa isinqumo nesaziso sokuphikisa ukwedluliswa kwesinqumo sigcwalisiwe yini ngokuphelele saphinde sasayinwa;
- (b) isaziso sokwedlukisa isinqumo nesaziso sokuphikisa ukwedluliswa kwesinqumo sithunyelwe singakapheli isikhathi esibekiwe;
- (c) ubufakazi bokuthunyelwa kweSaziso Sokudlulisa Isinqumo kubo bonke abathintekayo;
- (d) ukuthi ubufakazi bokukhokha bufakiwe; nokuthi
- (e) isiGungu Sokudlulisela Isinqumo sinamandla okulawula isicelo.

(3) IsiGungu Sokudlulisela Izingqimo kumele sibhale sazisa zonke izinhlangothi ukuthi isicelo sokudlulisa isinqumo siyekiwe uma-

- (a) isicelo sokudlulisa isinqumo sithunyelwe sekudlule isikhathi esibekiwe; noma
- (b) isiGungu Sokudlulisela Izingqimo singenawo amandla ngokwendawo okusingatha leso sicelo.

Ukuhlala kwesiGungu Sokwedlulisela Izingqimo

64. (1) ISigungu Sokudlulisela Izingqumokumele silalela futhi sinqume ngesicelo sokudlulisa isinqumo zingapheli izinsuku eziyi 100 sithole imibhalo ephuma kwiMenenja kaMasipala njengoba kubalulwe esigabeni 60(1).

(2) ISigungu Sokudlulisela Izingqimo singabheka isicelo esibhalwe phansi kuphela noma silalele izethulo ezenziwe ngomlolo.

(3) ISigungu Sokudlulisela Izinqumo kumele sazise izinhlangothi zonke usuku, isikhathi kanye nendawo lapho kuzolalelwa khona udaba ezinsukwini ezi-14 ngaphambi kokuba kufike usuku lokulalelwa kodaba.

(3) Isaziso kumele sibe-

- (a) namagama azo zonke izinhlangothi;
- (b) udaba isicelo sokudlulisa isinqumo olungaso;
- (c) nosuku, isikhathi kanye nendawo yokulalelwa kodaba; kanye
- (d) nanoma iluphi olunye ulwazi olufanele.

Ukuhlehliswa kokulalelwa kokwedluliswa kwesinqumo

65. (1) Noma uluphi uhlangothi ekulalelweni kodaba lwesicelo sokudlulisa isinqumo lungabhala lucela ukuhlehliswa kodaba ngaphambi kwezinsuku okungenani eziyi-10 zokuba kuqale ukulalelwa kodaba.

(2) Noma isiphi isicelo sokuhlehlisa ukulalelwa kokwedluliswa kwesinqumo kumele kuthunyelwe eSigungwini Sokwedlulisela Izinqumo kanye nasezinhlangothini okukhulunywe ngazo esigabeni 60(4) ngenhla.

(3) Noma imuphi umuntu ofisa ukuphikisia isicelo sokuhlehlisa udaba kumele enze njalo ngokubhala phansi futhi abeke nezizathu zokuphikisa kwakhe.

(4) Isaziso sokuphikisa kumele sithunyelwe eSigungwini Sokwedluliswa Kwezinqumo kanye nasezinhlangothini okukhulunywe ngazo esigabeni 60(4) ngenhla, kusasele okungenani izinsuku ezintathu ngaphambi kokuhlala kwesigungu.

(5) Usihlalo angavumela ukuba udaba luhlehle uma kunesizathu esizwakalayo aphinde azise izinhlangothi ngesinqumo esinjalo zingakapheli izinsuku ezinhlano uhlangothi lufake isicelo.

(6) Uma ukuhlehliswa kodaba kuphikiswa, usihlalo angacela izinhlangothi ukuba zihlangane naye zethule izethulo ngaphambi kokuba akhiphe isinqumo.

Ukulalelwa kokwedluliswa kwesinqumo okubhaliwe

66. (1) IsiGungu Sokudlulisela Izinqumo singaqala ukulalela udaba olubhaliwe uma izinto okuzonqunywa ngazo zingatholakala ngokwanele zingekho izinhlangothi ezithintekayo ngokuba kubhekwe yonke imqulu ethunyelwe maqondana nalokho kwedliswa kwesinqumo.

(2) IsiGungu Sokudlulisela Izinqumo singacela uhlangothi ekulalelweni kodaba lokudlulisa isinqumo ukuba lithumele izethulo ezibhaliwe zingakapheli izinsuku eziyisikhombisakuceliwe.

Ukulalelwa kokwedluliswa kwesinqumo okwenziwa ngomlomo

67. (1) IsiGungu Sokudlulisela Izinqumo singalalela ukwedluliswa kwesinqumo okwenziwa ngomlomo-

- (a) umaizindaba okuzonqunywa ngazo zingatholakali ngokwanele uma zingekho izinhlangothi ezithintekayo ngokubheka kuphela yonke imiqulu ethunyelwe ngaleso sicelo; noma
- (b) umalokho kulalela kuzosiza ekusheshisweninokuqedwa ngobulungiswa ukwedluliswa kwesinqumo.

(2) Uhlangothi ekulalelweni kokwedluliswa kwesinqumo linga-

- (a) zizela uqobo noma lumelwe omunye umuntu;
- (b) thula uhlangothi lwalo;
- (c) hlola noma imuphi umqulu noma lwenze izethulo;
- (d) thula ubufakazi lwenze nenkulumompikiswano ekulalelweni kodaba; futhi
- (e) biza ofakazi bezothula ubufakazi. Ngaphansi kokuthi Isigungu Sokwedlulisela izinqumo siyonquma ukuthi imuphi ufakazi obalulekile ongabizwa; futhi
- (f) buzisisa imibuzo kunoma imuphi ufakazi

(3) Uhlangothi kumele lwazise isiGungu Sokudlulisela Izinqumo kanye nezinhlangothi okukhulunywe ngazo esigabeni 60(4) mayelana nanoma imuphi umqulu abanawo oluhlose ukuwusebenzisa ngesikhathi kuqhubeka udaba lokulalelwa kokwedluliswa kwesinqumo ngaphambi kwezinsuku eziyi-14kuhlale isigungu futhi ngaso leso sikhathi luhlinzeke ngamakhophi alowo mqulu kuwo wonke amalungu esigungu kanye nezinye izinhlango ezithintekayo.

Ukulalelwa kokwedluliswa kwesinqumo bengekho abathintekayo

68. (1) IsiGungu Sokudlulisela Izingqomo, ngemuva kokuthumela kuzo zonke izinhlangothi isaziso sokulalelwa kodaba, singalalela udaba lwanoma iluphi uhlangothgi olukhona, yize noma lungekho olunye uma-

(a) lowomdlulisi sinqumo noma lolu olunye uhlangothi lwazise isiGungu Sokudlulisela Izingqomo ukuthi alufisi ukuthamela ukulalelwa kodaba;

(b) lowo mdlulisi sinqumo noma lolu olunye uhlangothi lwehluleka ukuthamela ukulalelwa kodaba lokudlulisa isinqumo ngale kokunikeza izizathu zokungabibikho, ezivumela ukuhlehliswa noma ukuguqiswa kodaba nokubona kwesigungu Sokwedlulisela Izingqomo.

Ukunquma kwesiGungu Sokwedlulisela Izingqomo

69(1) IsiGungu Sokudlulisela Izingqomo kumele siqinisekise, siguqule noma sichithe isinqumo sikamthathizingqomo futhi kumeme sibeke nezizathu zalokho.

(2) Isinqumo seningi lamalungu siyisingqomo sesiGungu Sokwedlulisela Izingqomo.

(3) Usihlalo unevoti elithatha isinqumo uma kwenzeka kulinganwa ngamavoti.

(4) IsiGungu Sokudlulisela Izingqomo kumele sinqume ngesicelo sokudlulisa isinqumo zingakapheli izinsuku eziyi-14 sicubungule ukwedluliswa kwesinqumo.

(5) Usihlalo kumele asayine isinqumo sesiGungu Sokwedlulisela Izingqomo nanoma imuphi umyalelo okhishwe yiso.

(6) Noma iliphi iphutha elenzekekunoma imuphi umbhalo oqopha isinqumo sesiGungu Sokwedlulisela Izingqomo lingalungiswa usihlalo.

(7) Ngemuva kokuphuthulwa kwesinqumo sesiGungu Sokudlulisela Izingqomo, iMnenja kaMasipala noma umsebenzi ogunyazwe nguye, kumele abhalele zonke izinhlangothi azazise ngesinqumo zingakapheli izinsuku eziyi-14 yaziswengomphumela wokwedluliswa kwesinqumofuthi iveza ilungelo labo lokucela izizathu zingakapheli izinsuku ezingama-21 bazisiwe ngomphumela wokwedluliswa kwesinqumo.

(8) Akukho okunye ukwedluliswa kwesinqumo okungafakwa ngokwalo Mthetho kaMasipala emva kokuba sekukhishwe isaziso ngokwesigatshana (7).

(9) UMasipala kumele uqale wenze njengesinqumo sesiGungu Sokudlulisela Izingqomo.

Amarekhodi okokwedluliswa kwesinqumo

70.(1) IsiGungu Sokudlulisela Izinqumo kumele sigcine amarekhodi azo zonke isicelo zokudluliswa kwezinqumo ezifakiwe, nemibhalo ephathelene nalokhu kanye namaminithi okulalelwa kodaba.

(2) Amarekhodi okukhulunywe ngawo ngenhla kumele agcinwe njengamakhophi kanye nasemshinini.

Izimali ezikhokhwayo

71. (1) Izimali ezikhokhelwa isicelo sokudlulisa isinqumo zihambisa namatharifu amukelwe uMkhandlu.

(2) Noma ngumuphi umuntu okudingeka avele ngaphambi kwesiGungu Sokudlulisela Izinqumo ukuze ethule ubufakazi, aveze incwadi, ipulani noma omunye umbhalo noma okuthile, kumele akhokhelwe imali yofakazi ekhokhelwa noma ibaphi ofakazi ngokwamatharifu aseNkantolo kaMantshi.

(3) Umsebenzi kaMasipala noma osebenzela uhulumeni obizwe kulesi sigcawu ngesikhathi somsebenzi wansuku zonke, angeke akhokhelwa imali ekhokhelwa ofakazi.

ISAHLUKO 13

UKUTHOTSHELWA NOKUPHOQELELWA KOMTHETHO

Ukuqokwa kuka-Enforcement Officer

72.(1) UMasipala—

(a) ungaqoka umsebenzi kaMasipala noma uqoke noma imuphi umuntu njengo-Enforcement Officer ukuqiniseka ukuthi kuyahanjiswana nalo Mthetho kaMasipala; futhi

(b) kufanele anike u-Enforcement Officer ngmunaye incwadi yokumqasha.

(2) Uma u-Enforcement Officer enza imisebenzi yakhe ngokwalo Mthetho kaMasipala, kumele-

(a) uma eceliwe akhiphe ubufakazi bokuqashwa kwakhe obubhalwe phansi; futhi

(b) angabi umuntu onentshisekelo ngqo noma ngandlela thile odabeli oluphenywawo.

(3) Noma imuphi umuntu owenza umsebenzi ka-Enforcement Officer kumele aqokwe njengesikhonzi sokuthula njengoba kubekwe kuCriminal Procedure Act, 1977 (uMthetho No. 51 ka 1977)

Imisebenzi namajoka ka-Enforcement Officer

73. (1) U-Enforcement Officer —

- (a) angaphenya lzinqumo ezifakiwe;
- (b) ngokwalo Mthetho kaMasipala kanye nanoma imuphi omunye umthetho ofanele nomgunyazayo angahlola, eluse futhi aphoqebele ukuthotshelwa kwalo Mthetho kaMasipala;
- (c) ahlole indawo ngokwalo Mthetho kaMasipala;
- (d) asebenzise amandla awanikwe wumthetho njengesikhonzi sokuthula.

(2) Ngaphansi kwezihlinzeko zesigaba 74, u-Enforcement Officer okukhulunywe ngaye esigatshaneni (1) anga—

- (a) ngena kunoma iyiphi indawo, nganoma isiphi isikhathi, ngaphandle kokunikeza isaziso, ngenhloso yokuqinisekisa ukuthotshelwa kwalo Mthetho kaMasipala;
- (b) phonsa imbuzo kunoma imuphi umuntu okuleyo ndawo noma okade ekuleyondawo, eyedwa noma enabanye;
- (c) dinga noma imuphi umuntu noma olawula noma ophethe ibhuku, noma eminye imiqulu ekhona kuleyo ndawo, ukuba ngalesosikhathi noma ngesinye isikhathi angasinquma, amnikeze lelo bhuku noma lowo mqulu;
- (d) cubungula, athathe noma enze amakhophi alelo bhuku, irekhodi noma lowomqulu;
- (e) dinga ukuthola incazelo kulowo muntu ngokuqoshiwe kulelobhuku;
- (f) hlola noma imuphi umbalo, okusamuthi noma imishini ekuleyo noma obekukuleyo ndawo, kanye nanoma imuphi umsebenzi owenziwa kuleyondawo, nanoma iziphi izimo ezikuleyo ndawo noma athathe noma yini, okusamuthi noma imishini noma amasampula akho, ngenhlosoyokukuhlola noma ukukuhlaziya;
- (g) shaqa noma iliphi ibhuku, irekhodi, irejista noma omunye umqulu wombhalo, noma okunye okunjalo, ulwazi olugcinwe kwikhompyutha; imishini noma amasampula akho, uma ngokubona kwakhe ekholelwa noma enezinsolo zokuthi lelo bhuku, irekhodi, irejista noma omunye umqulu wombhalo kungasetshenziswa njengobufakazi ecaleni lanoma imuphi umuntu obekwe icala ngokwalo Mthetho kaMasipala noma ngokomtetho ongashicilelwe: Kuncike ekutheni umnikazi walelo bhuku, irekhodi, irejista, umqulu wombhalo noma okunye okunjalo angenza amakhophi ngaphambi kokushaqwa kwawo;futhi

(h) angayalela noma imuphi umuntu ukuba avele phambi kwakhe ngaleso sikhathi nakuleyo ndawo enganqunywa nguye bese ehlaba lowo muntu ngemibuzo eyedwa noma kukhona omunye umuntu nganoma yini ephathelene nalo Mthetho kaMasipala.

(3) U-Enforcement Officer angangena futhi aphenye indawo, ngale kwendawo okungeyona ekahulumeni, ngaphandle kwencwadi emgunyazayo yewaranti uma ngezizathu ezithile, ekholelwa ukuthi-

(a) incwadi egunyaza ukuba aphenye ingakhishwa umehluleli noma imantshi uma yena efaka isicelo sayo; futhi

(b) ukubambezeleka ekutholeni incwadi emgunyazayo kungase kubulale inhloso yokungena nokuphenya leyo ndawo.

(4) Uphenyo okukhulunywe ngalo ngenhla kumele lwenziwe emini, ngaphandle uma ukwenziwa kwalo ebusuku kunezizathu ezizwakalayo futhi kunesidingo.

(5) Uma u-Enforcement Officer engena kunoma iyiphi indawo ngokwesigatshana 2 umuntu olawulanoma ophethe leyondawo kumele ngaso sonke isikhathi ahlinzeke izinsiza ezidingwa nguyeukuze akwazi ukwenza ngendlela efanele nephephileumsebenzi wakheawunikwe ngokwalo Mthetho kaMasipala.

(6) Uma u-Enforcement Officer eshaqa noma ethatha lelo bhuku, irekhodi, irejista noma omunye umqulu wombhalo, njengokusho kwesigatshana (2)(f) noma (g) kumele enze uhlu lwalezozinto futhi ngaphambi kokuba ahambe kuleyo ndawo, alusayine bese enikeza umuntu ophethe leyo ndawo ikhophi.

(7) Ukuhlolwa kwendawo okungeyona ekahulumeni kungenziwa kuphela ngu-Enforcement Officer uma esegunyazwe ngokwewaranti ekhishwe inkantolo efanele. Uma iwaranti ingadingeki, okungenani kuthunyelwe isaziso, ngesikhathi esifanele futhi umuntu ophethe leyo ndawo avume ukuba umhloli angene futhi aphenye kuleyondawo.

(8) U-Enforcement Officer, lapho kufanele, angaphelekezelwa amaphoyisa kanye noma imuphi omunye umuntu odingekayo ukuba amsize ukuqhuba uphenyo lwakhe.

(9) U-Enforcement Officer angakhipha isaziso sokwephula umthetho ngendlela efanele, asinike lowomuntu olawula noma ophethe leyo ndawo noma umnikazi noma olawula indawo okungeyona ekahulumeni uma izihlinzeko zalo Mthetho kaMasipala zingathotshelwe.

(10) Isaziso sokwaphula umthetho siqhubeka nokusebenza kuze kulungiswe lokho kwaphulwa komthetho noma kuze kuthotshelwe izihlinzeko zalo Mthetho kaMasipalalafuthi no-inspektha wezokuhlela esekhiphe isitifiketi sokuthotshelwa komthetho ngaleso saziso.

(11) U-Enforcement Officer ongena futhi aphenye indawo okungeyona ekahulumeni ngaphansi kwalesi sigaba, ngencwadi emngunyazayo noma ngaphandle kwayo, kumele enze lolo phenyo noma ukushaqa ngokukhulu ukucophelela nangokunganyatheli amalungelo, isithunzi, inkululeko, ukuphepha kanye nobumfihlo bomunye umuntu.

Incwadi egunyazayo/iwaranti

74.(1) U-Enforcement Officer angafaka isicelo emantshini noma kumahluleli ukuze athole incwadi emngunyazayo noma acele iwaranti kanti imantshi noma umehluleli ingakhipha leyo waranti uma ulwazi olusesitatimendeni esifungelwe noma esiqinisekisiwe luveza ukuthi-

- (a) kunezizathu ezizwakalo eziholela ekutheni kube nezinsolo zokuthi kukhona ukwaphulwa koMthetho kaMasipala okwenzekile, okwenzekayo noma okungase kwenzeke;
- (b) ukuphenywa kwendawo kungase kunike ulwazi oluphathelele nalokho kwaphulwa komthetho; kanye
- (c) nokuthi uphenyo lunesidingo ukuze kuphoqelelwe lo Mthetho kaMasipala.

(2) Iwaranti yokungena kwenziwe uphenyo ingasetshenziswa emini kuphela, ngaphandle uma umehluleli noma imantshi eyikhiphile leyo ncwadi igunyaze ukuba isetshenziswe nasebusuku noma ngokwezikhathi noma izimo ezifanele.

Ukufakwa nokuphenywa kwezikhhalazo

75.(1) Noma imuphi umuntu, othintekayo noma ongaba nolwazi ngokwaphulwa komthetho okusolekayo, lapho kufanele, angabhalela uMasipala amcele ukuba aphenye lezo zinsolo zokwaphulwa komthetho.

(2) Isikhhalazo esibhaliwe kumele –

- (a) sibe nolwazi oluphathekayongezinsolo, oluhambisana namaphepha kanye nobunye ubufakazi obufanele, lapho kudingeka khona; futhi
- (b) sibenegama, ikheli kanye nenombolo yommangali.

(3) UMasipala kumele akuveze ukuthi usitholile isimangalo esibhaliwe bese enika ofake isikhhalou-Enforcement Officer ozophenya.

(4) UMasipala kumele azise umuntu omangalelwe bese umcela ukuthi abhale isitatimende esifungelwe ukuphendula isimangalo kungakapheli izinsuku ezinhlanu azisiwe.

(5) Ukwethula ubufakazi obungelona iqiniso noma obudukisayo kuMasipala kuyicala.

(6) UMasipala kumele aphenye isikhalazo kungakapheli isinsuku eziyisikhombisa kusukela osukwini lokufakwa kwesimangalo.

(7) Ekuphenyeni lesi simangalo, uMasipala engathumela isikhalazo kweminye iminyango efanele ukuze ibeke izimvo zayo, ahlola indawo athathe nobufakazi bezithombe ngesimangalo esifakiwe.

(8) Uma kufanele, uMasipala kumele azise ummangali ngemiphumela yophenyo uma icala seliqinisekisiwe.

(9) Uma uMasipala eqinisekisa ukuthi likhona icala emva kokuyohlola leyo ndawo, angashintsha amarates omhlaba ngokuhambisana neNqubomgomo Yamarates Omhlaba eyemukelwa uMkhandlu ngokoMthetho Wamarates Omhlaba uMunicipal Property Rates Act, 2004 (uMthetho No.6 ka 2004).

Isaziso sokwephula umthetho

76.(1)Ngokwezinhloso zalesi sahluko 'umnikazi' kushiwo umuntu umhlaba obhalwe egameni lakhe ehhovisi lamatayitela elifanele futhi kuhlanganisa –

(a) abaphatheli ababekiwe bebhodi eyengameleumhlaba, uma kukhulunywa ngomhlabaosetshenziswa ngokuhlanganyela;

(b) umlawuli webhodi eyengamelengohlelo lwetayitela umakukhulunywa ngomhlabaosetshenziswa ngokuhlanganyelalapho bengekho abaphatheli ababekiwe bebhodi eyengamele umhlaba;

(c) umabi wamafa, uma umnikazi esashona kanti nomhlaba awukususwa egameni lakhe;

(d) umlondolozisi, uma umnikazi emenyezwele yinoma iyiphi inkantolo njengowehlulekayo ukuziphathela izindaba zakhe noma obudedengu;

(e) umphathi, lapho umnikazi womhlaba kuwumuntu ogula ngengqondo njengoba echazweesigabeni 1 soMthetho Wabagula Ngengqondo, 2002 (uMthetho No. 17 ka 2002);

(f) umabi wamafa, uma impahla yomnikazi isidliwe;

(g) ohlakaza ibhizinisi, uma umnikazi womhlaba kuyibhizinisi noma isigungu sabaphatheli (trust) futhi sekuhlakaziwe;

(h) abebengamalungu enkampani eseyasulwa futhi besenezibophezelo eziqhubekayo njengoba kuhlangozwe esahlukweni 26 soMthetho Wezinkampani, 1984 (uMthetho 69 ka 1984), sifundwa nesigaba 83(2) kanye no 3 soMthetho Wezinkampani, 2008 (uMthetho 71 ka2008);

(i) ohlangula amabhizinisi, uma ibhizinisi selifakwe ngaphansi kohlelo lokuhlelwa kwamabhizinisi;

(j) umlawuli oqashiwe, uma umnikazi womhlaba engekho kwiRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrkia noma uma uMasipala, emva kwemizamo efanele, ehlulekile ukuthola ukuthi ukuphi; noma

(k) wonke umuntu onelungelo lokuhlala noma lokusebenzisa umhlaba, noma ohlala noma osebenzisa isakhiwo lapho –

(i) umnikazi engekho kwiRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika;

(ii) uMasipala, emva kwemizamo eminingana, ehlulekile ukuthola ukuthi umnikazi womhlaba ukuphi; noma

(iii) engekhoumlawuli oqashiwe.

(2) UMasipala angathumela isaziso sokuphulwa komthetho, ngendlela efanele, kumnikazi noma kumuntu uma sekuqinisekisiwe ukuthi kwephulweumthetho noma kunezizathu ezizwakalayo zokusola ukuthi umnikazi wephule –

(a) okushiwo yilo Mthetho kaMasipala;

(b) okushiwo wuhlelo lokusetshenziswa komhlaba; noma

(c) umbandelaobekwe esazisweni sesinqumo.

(3) UMasipala, uma kufanele, angafaka umyelelo esazisweni sokuphulwa komthetho etshela umnikazi noma umuntu –

(a) ukuthi ayeke akwenzayo kulowo mhlaba ngaleso sikhathi;

(b) ukuthi asuse noma ashintshe noma isiphi isakhiwo noma umsebenzi ongavumelekile bese elungisa umhlaba noma abuyisele umhlabaesimweni obukuso;

(c) ukuthi ahambisane nombandela wokugunyazwa oqukethwe isinqumo singakapheli iskhathi asinqunyelwe;

(d) ukuthi ahambise isicelo sokuthuthukiswa komhlaba ngokwalo Mthetho kaMasipala zingakapheli izinsuku eziwu-30 ethole isaziso sokuphulwa komthetho: Kuncike ekutheni ngeke sivunyelwe isicelo sokuthuthukiswa somhlaba esihlose ukuklama kabushaumhlaba; futhi

(e) akhokhe inhlawulo zingakapheli izinsuku eziwu-30 kusukela ethole incwadi yokuphulwa komthetho.

(4) Umyalelo wokuthumela isicelo sokuthuthukiswa komhlaba ngokwesigatshana (3)(d)awushoukugunyazwa kwesicelo sokuthuthukiswa komhlaba.

(5) Uma umnikazi noma umuntu ehluleka ukuthatha izinyathelo ezibekiwe esazisweni sokuphulwa komthetho evela esigatshaneni (2), uMasipala angafaka isicelo somyalelo wenkantolo-

(a) ovimbela umnikazi noma umuntu ukusebenzisa umhlaba ngendlela eshayisana nohlelo lokusetshenziswa komhlaba noma noMthetho kaMasipala;

(b) ophoqelela umnikazi noma umuntu ukuthi ayeke akwenzayo okushayisana nomthetho;

(c) oyalela umnikazi noma umuntu ukuthi athathe izinyathelo zokulungisa ngesikhathi esinqunyiwe; futhi

(d) sanoma imuphi umyalelo wenkantoloofanele.

(6) Ngale kwezihlinzeko zesigatshana (5), uMasipala angaphinde ahoxise imvume ebesikhishiwe ngokwesaziso sesinqumo ngokubhalela umnikazi noma umuntu owehlulekile ukuthatha izinyathelo eziqukethwe esazisweni sokwephulwa komthetho bese evumela umnikazi nom lowo muntu ukuba enze izethulo kuMasipala zokuthi kungani kungamele ihoxiswe imvume yakhe.

(7) Noma imuphi umuntu othunyelwe isaziso sokwephula lo mthetho njengoba kuchaziwe esigatshaneni (2) angenza izethulo ezibhalwe phansi azibhekise kuMasipala acele ukuba kubuyekwezwe isaziso zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa ethole isaziso.

(8) UMasipala emva kokubheka izethulo ezibhalwe phansi okukhulunywe ngazo esigatshaneni (7) angaqinisekisa, achibiyele noma abeke eceleni isaziso.

(9) Lapho uMasipala eqinisekisa noma echibiyela sonke isaziso noma ingxenye yaso, umuntu kumele athobele imiyalelo kanye nezikhathi ezinqunywe kuleso saziso.

(10) Izixazululo ezihlinzekwe kulo Mthetho kaMasipala zengeza ngaphezu kwanoma yiziphi ezinye ezitholakala kweminye imithetho uMasipala angayisebenzisa.

Ukuphuthuma

77.(1) Uma uMasipala ekholwaukuthi kuzoba nomonakaloongeke ulungisekenoma kuzophazamiseka imvelo, impilo, noma ukuphepha kwanomaimuphi umuntu noma umphakathi, uMasipala angathatha isinyathelo esiphuthumayo sokulungisa lesi simo aphinde afezekise izimfuno zesigaba 76 ngokwenza isicelo esiphuthumayo somyalelo wenkantolo –

(a) ovimbela noma imuphi umnikazi ukusebenzisa umhlaba ngokushayisana nohlelo lokusetshenziswa komhlaba noma lo Mthetho kaMasipala;

(b) ophoqa noma imuphi umnikazi noma umuntu ukuthi ayeke akwenzayo okwephula nomthetho;

(c) oyalela umnikazi noma umuntu ukuthi athathe izinyethelo zokulungisa ngesikhathi esithile esinqunyiwe.

(2) Uma kudingeka isinyathelo esiphuthumayo esihlongozwe esigatshaneni(1), uMasipala engathatha izinyathelo ezifanele ukulungisa isimo futhi angaqoqa zonke izindleko zokwenza lokhu kumnikazi noma kumuntu.

(3) Ukuqoqwa kwezindleko okuhlongozwe esigatshaneni (2) kwengeza ngaphezu kwanoma iyiphi inhlawulo engakhokhiswa umnikazi noma umuntu.

(4) Akekho umuntu ongafuna isinxephezelo ngokulahlekelwa noma ngokulinyalelwa okubangelwe yinoma isiphi isenzo noma isinqumo esifanele esithathwa uMasipala nanoma imuphi umsebenzi ogunyaziwe ngokwalesi sigaba.

(5) Uma uMasipala esethole umyalelo wenkantolo, ikhophiyalowo myalelo iyonanyathiselwa endaweni esobalukulowo mhlaba othintekayo.

(6) Noma ngabe imuphi umuntu osusa, olimaza noma ophazamisa umyalelo wenkamtolo evezwe esahlukwaneni (5) uyothwala icala.

Isitifiketi sokuthobelaumthetho

78. Isaziso sokwaphula umthetho siqhubeka nokusebenza kuze kulungiswe lokho kwaphulwa komthetho ngendlela egculisa uMasipala, futhi uMasipala wakhapha isitifiketi sokuthobela umthetho.

ISAPHLUKO 14
IZINDAWO ZAMAKHOSI

Isivumelwano noMkhandlu weNkosi

79. (1) UMasipala angangena esivumelwaneni samazinga okusebenza noMkhandlu weNkosi kulezo zindawo zikaMasipala lapho kusebenza khona lowo Mkhandlu weNkosi mayelana nezicelo zokuthuthukiswa komhlaba.

(2) Uma uMasipala esengenile esivumelwaneni samazinga okusebenza noMkhandlu weNkosinjengoba kushiwo esigatshaneni (1), lowo Mkhandlu weNkosi kumele uqale ukuphatha ukusetshenziswa komhlaba kuleyo ndawo ngokuhambisana nemigomo yesivumelwamo samazinga okusebenza.

(3) Uma isicelo sokuthuthukiswa komhlaba noma isicelo sokwabelwaumhlaba sesithunyelweMkhandlwini weNkosi, uMkhandlu weNkosiunejokalokwazisa uMasipala nokuveza ubufakazi bokwabiwa komhlaba namalungelo ngokomthetho wesintu osebenza kuleyo ndawo yezamasiko, ukuze kukhuthazwe –

- (a) ukukhula komnotho;
- (b) ukubandakanywa komphakathi;
- (c) ukuthuthukiswa komhlaba okusebenzayo; kanye
- (d) nokuncishiswa komthelela ongemuhle kwezempilo yomphakathi, kwimvelo kanye nezinsiza zemvelo, kanye
- (e) nemigomo yeSPLUMA yezentuthuko;

kuleyo ndawo yenkosi.

ISAHLUKO 15

UKUKHISHWA KWEZINOMBOLO ZEMIGWAQO NOKUQANJWA KWEMIGWAQO

Ukuthunyelwa kwezinqobolo zemigwaqo namagama emigwaqo ezicelweni zokuthuthukisa umhlaba

80.(1) Umfakisicelo, uma kufanele, kumele asho izinqobolo zesitaladi azifunayo kuzo zonke izindawo namagama emigwaqo ume enza isicelo sokuthuthukiswa komhlaba.

(2) UMasipala angachibiyela izinqobolo zemigwaqo esicelweni lapho izinqobolo zingahambisani nenqubomgomo kaMasipala ephathelene nezinqobolo zesitaladi nokuqanjwa kwemigwaqo.

Ukuqanjwa kwemigwaqo okungeyona ekahulumeni

81. Onke amagama emigwaqo okungeyona ekahulumeniathunyelwe ukuze agunyazwe kumele ahambisane nenqubomgomoephathelene nezinqobolo zemigwaqo nokuqanjwa kwemigwaqo.

(2) Uma igama lomgwaqo ongekho ngaphansi kukuMasipalaeliceliwelingavunyelwa, umfakisicelo engabonisana noMasipala ngamanye amagama angasetshenziswa ngaphambi kokuhambisa futhi igama kuMasipala ukuze livunyelwe.

(3) Onke amagama emigwaqo ancike ekugunyazweni uMasipala.

Ukuqanjwa kwemigwaqo kahulumeni

82.(1) Zonke izindaba ezithinta ukuqanjwa kwemigwaqo kahulumeni zibhekene noMasipala.

(2) Ukuqanjwa kwemigwaqo kahulumeni kumele kuhambisane nenqubomgomo noMthetho woMkhandlu WaseNingizimu Afrika Wamagama Ezindawo, ka 1998 (uMthetho No. 118 ka 1998).

(3) Onke amagama emigwaqo kahulumeni aphakanyisiwe kumele aphasiswe ngesinqumo soMkhandlu.

Izinombolo zemigwaqo namagama amabilidi akhona

83. UMasipala ngezikhathi ngezikhathi anga–

- (a) shintsha izinombolo zemigwaqo ezakhiweni ezikhona ukuze aqinisekise ukuhambisana nenqubomgomo kaMasipala; futhi
- (b) cela esugugwini noma kumuntu ophethe indawo ekhona uhlu oluphelele–
 - (i) lwezinzombolozezitaladizezakhiwo zonke ezikhona; kanye
 - (ii) namagama emigwaqo,kulezo zakhiwo ngendlela enqunyiwe.

(2) Izinombolo zezitaladi namagama emigwaqo ngeke kushintshwe ngaphandle kokuthola imvume kuqala kuMasipala.

ISAHLUKO 16

AMACALA NEZINHLAWULO

Amacala

84.(1) Umuntu wenza icala uma –

- (a) ephazamisa noma evimba noma ngayiphi indlela umsebenzi onegunya owenza umsebenzi ngaphansi kwalo Mthetho kaMasipala;
- (b) enqaba ukuhlinzeka umsebenzi ogunyaziwe ulwazi njengoba kudingeka ukuze umsebenzi ogunyaziwe akwazi ukwenza umsebenzi wakhe ngokwalo Mthetho kaMasipala;
- (c) enikeza ngokwazi ulwazi olungamanga noma oludukisayo kumsebenzi ogunyaziwe;
- (d) evimba ngokungemthetho umnikazi wanoma iyiphi indawo, umuntu osebenzela umnikazi, ukungena endaweni ukuze enze okufunwa yilo Mthetho kaMasipala;
- (e) ezenza umnikazi noma umsebenzi ogunyaziwe engesiyena;
- (f) ephula noma ehluleka ukulandela izihlinzeko zalo Mthetho kaMasipala noma umbandela wesaziso sesinqumo;
- (g) ephula noma ehluleka ukulandela noma imuphi umyalelo noma isaziso esikhishwe ngaphansi kwalo Mthetho kaMasipala;
- (h) ephula noma iziphi izihlinzeko zahlelo lokusetshenziswa komhlaba noma zohlelo lwedolobha;
- (i) ephikisana nanoma yisiphi isinqumo esithathwe noma umbandela, umkhawulo noma ukwenqatshelwaokubekwe ngokwalo Mthetho kaMasipala;

(j) esebenzisa umhlaba ngendlela ehlukile kunale evunyelwe uhlelo lokuklanywa kwezindawo.

(k) eguqulanomaelimaza umhlaba ngendlela yokuthi indawo ngeke isasebenziseka ngenhloso ebekiwe ohlelweni lokusetshenziswa komhlaba.

(2) Umnikaziwomhlaba ovumela ukuthi umhlaba usetshenziswe ngendlela evela esigatshaneni(1) futhi ongakumisi lokho kusetshenziswa noma athathe izinyathelo ezibonakalayo ukuqinisekisa ukuthi lokho kusetshenziswa kuyayeka, noma ovumela umuntu ukuthi ephule izihlinzeko zesigatshana (1) unecala.

(3) Umuntu wenza icala eliphindayo uma eqhubeka necala emva kokuthi isaziso sesikhishiwe ngokoMthetho kaMasipala esithi akayeke ukwenza lelo cala, noma ngemva kokuthi selike lamlahla lelo cala.

Izinhlawulo

85 Noma imuphi umuntu olahlweyicala ngaphansi kwalo Mthetho kaMasipala uyokhokha inhlawulo noma abhadle ejele iminyaka engeqile kwengama-20, noma kokubili inhlawulo nokubhadla ejele.

(3) Esimweni secala eliphindayo, inhlawulo eyengeziwe noma ukuvalelwa ejele isikhathi esingeqileezinyangeni ezintathu ngosuku ngalunye lapho leli cala liqhubeka noma kokubili inhlawulo nokuvalela ejele kuzokwehliswela kuye.

ISAHLUKO 17

IZINHLINZEKO EZINGXUBEVANGE

Isicelo sokuba umngeneleli

86.(1) Umthathizinqumo noma isiGungu Sokudlulisela Izinqumo bangabheka isicelo esenziwe umuntu ukuze abe umngeneleli esicelweni sokuthuthukiswa komhlaba noma ekudlulisweni kwesinqumo.

(2) Ofake isicelo sokuba umngeneleli kumele ahambise, kanye nefomu elifanele, incwadi efungelwe eqinisekisa ukuthi yena –

(a) akahlangene nofake isicelo, ophikisa isicelo noma odlulisa isicelo; futhi

(b) uzimisele ukumelana nokwenza ngokuhambisana nemiyalelo kamthathizinqumo noma yesiGungu Sokwedlulisela Izinqumo.

(2) Ofake isicelo sokungelela oveza ukuthi uwumuntu othintekayo esicelweni sokuthuthukiswa komhlaba kumele aveze ukuthi uwuntu othintekayo.

(4) Umthathizinqumo noma isiGungu Sokwedlulisela Izinqumo bengabheka lokhu okulandelayo uma becubungula ukuthi ingabe umuntu ofakeisicelo sokuba umngeneleli uyathinteka yini–

- (a) iqhaza lomphakathi belidingeka yini kulesi sicelo;
- (b) ukuthi umuntu wanikezwa yini isaziso sesicelo;
- (c) ukuchaza okubhaliwe okubeka isizathu sokungenelela;
- (d) imvume ebhaliwe yezinhlangothi ezithinteka esicelweni uma zivumile;
- (e) noma ikuphi ukubandlululeka okungabhekana nomfakisisicelo;
- (f) ukuphumelela komuntu ukuba angenelele;
- (g) ukuthiingabe imibono noma ukuphikisa okufanayo sekuke kwafakwa; kanye
- (h) izethulo ezibhalwe phansi ezitholwe ngumfakisisicelo, abaphikisana nesicelo salowo muntu sokuba ngumngeneleli; kanye
- (h) nanoma yini enye ephathelene nalokhu.

(5) Umthathizinqumo noma isiGungu Sokwedlulisela Izinqumo kumele bavume noma bachithe isicelo sokungenelela bese ofake isicelo bemazisa ngokumbhalela ngesinqumo sabo.

(6) Umthathizinqumo noma isiGungu Sokwedlulisela Izinqumo banganquma indlela nobungako bokungenelala okuzokwenziwa umngeneleliesicelweni.

Ukushintsha kobunikazi

87.(1) Umnikazi osethathe ubunikazi bomhlaba singakaphothulwa isicelo sokuthuthukisa umhlaba angaqhubeka naleso sicelo njengomuntu osezoba mngumnikazi olandelayo ngokomthetheo.

(2) Umnikazi omusha kumele azise uMasipala ngokumbhalela phansi ukuthi ufisa ukuqhubeka nesicelo sokuthuthukisa umhlaba futhi ahlinzeke nangemininingwane efanele.

Ukudlulisela ilungelo maqondana neziphikiso noma izimvo

88. (1) Umnikazi owathumela izimvo noma iziphikiso maqondana nesicelo sokuthuthukisa indawo, ngokubhala phansi angadlulisela ilungelo lakhe alinikiwe maqondana nalokho kuphikisa noma izimvo kumnikazi omusha wendawo.

(2) Umnikazi omusha kumele ahlinzeke uMasipala ngekhophi yokudluliselwa kwelungelo ebhalwe phansi kanye neminingwane yokuxhumana naye.

Ukukhishwa kwezaziso

89. (1) Uma kudingeka ukuba kukhishwe isaziso kunoma imuphi umuntu ngokwalo Mthetho kaMasipala kumele kuthathwe ngokuthi lesa saziso sikhishwe ngokwanelekuloyo muntu-

- (a) uma sithunyelwe sanikwa yena uqobo;
- (b) uma sishiwe endaweni yakhe yokuhlala noma yebhizinisi eRephabulikhi yaseNingizimu Afrika sanikwa umuntu oneminyaka engaphezu kweyi 16;
- (c) uma sithunyelwe ngeposi elibhalisiwe noma ngeposi eliqinisekisiwe sabhekiswa ekhelini lakho lokugcina elaziwayo eRephabulikhi yaseNingizimu Afrika lasekhaya noma lebhizinisi futhi kukhishwa necwadi eqinisekisa ukuposwa kwaso;
- (d) uma ikheli lakhe laseRephabulikhi yaseNingizimu Afrika lingaziwa, kepha isaziso sathunyelwa kwi-ejenti yakhe noma lowo omumele eRephabulikhi yaseNingizimu Afrika ngendlela echazwe endimeni (a), (b) noma (c);
- (e) uma ikheli lakhe noa le ejenti yakhe eRephabulikhi yaseNingizimu Afrika lingaziwa, kepha isaziso sixhonywe endaweni ecacile kuleyo ndawo/bhilidi; noma
- (f) sithunyelwe ngombani kagesi ofana nemeyili nom a ifeksi.

(2) Usuku lwesazisomayelana nanoma yisiphi isaziso esikhishwe ngokwalo Mthetho kaMasipala –

- (a) luwusukulokubhaliswakwesaziso, uma isaziso sithunyelwe ngeposi elibhalisiwe;
- (b) luwusuku lokuhanjiswa, uma sihanjiswe ngesandla;
- (c) luwusuku isaziso esashiywa ngalo endaweni yalowo muntu noma lapho ehlala khona kuleli kumuntu oneminyaka engaphezu kweyishumi nesithupha;
- (d) luwusuku isaziso esathunyelwangalo ngempumelelo, uma incwadi ithunyelwe nge-email noma enombolweni yefeksi; noma
- (e) luwusuku isaziso esakhangiswa ngalo obala esakhiweni noma endaweni esiphathelene nayo, okuwusuku isaziso esibekwe ngalo noma esinanyethiselwe ngalo kuleyo ndawo.

(3) Uma isaziso sithunyelwe ngeposi elibhalisiwe, ukuthunyelwa kwaso kungaqinisekiswa ngokuvezwa kobufakazi obungamaphepha bokuposa, obungaba incwadi noma umbiko wokulandelela ukuhamba kweposi.

(4) Izihlinzeko zomthetho we Electronic Communications and Transmissions Act, 2002 (uMthetho No.25 ka 2002) ziyosebenza kunoma iyiphi indlela yokuxhumana ngogesi okukhulunywe ngakho kulo Mthetho kaMasipala.

Ukudluliselwa kwamandla

90. (1) Kuncike kuMthethosisekelo kanye nemithetho efanele kazwelonke neyesifundazwe, noma yimaphi –

- (a) amandla, ngaphandle kwamandla okukhulunywe ngawo esigabeni 160(2) soMthethosisekelo;
- (b) umsebenzi;
- (c) amajoka,

athweswe, ngokwalo Mthetho kaMasipala, uMkhandlu, nanoma iziphi izinhlaka zikaMasipala zezombusazwe, iziphathimandla zezombusazwe, amakhansela noma abasebenzi bakaMasipala, kungadluliselwa yilolo hlaka lwezombusazwe, isiphathimandla sezombusazwe, ikhansela, noma umsebenzi kaMasipala ohlakeni lukaMasipala noma kumsebenzi oqashwe uMasipala.

(2) Ukudluliswaokwenziwa ngokwesigatshana (1) kumele kwenzekengohlelo lokudluliselwa kwamandla olwemukelwa uMkhandlu ngokuhambisana neSahluko 59(1) soMthetho Wezinhlelo Zomasipala Wohulumeni Basekhaya, 2000 (uMthetho 32 ka 2000), kuncike kwinqubo ebekwe esigabeni 59(2) semthetho okukhulunywa ngawo.

(3) Nomaikuphi ukudluliselwa kwamandla okukhulunywe ngakho kulesi sigaba kumele kuqoshwekwiRejista Yokudluliselwa Kwamandla, okumele libe neminingwane –

- (a) ngohlaka noma ngomuntu odlulisa amandla;
- (b) ngokudluliselwa kuye amandla; kanye
- (c) nemibandela ehambisana nokudluliswa kwamandla.

Izihlinzelo zesikhashana

91. (1) Lapho engekho khona amaplani emingcele ahambisana noHlaka Lokuthuthukiswa Kwendawo, wonke amaplani endawo nawokusetshenziswa kwendawo amukelwe nguMkhandlu ayosetshenziswa ukulawula nokusingatha intuthuko.

Isihloko esifingqiwe nokuqala kokusebenza komthetho

92. Lo Mthetho kaMasipala ubizwa ngoMthetho KaMasipala Wezokuhlela Nokulawula Ukusetshenziswa Komhlaba ka 2016 kanti uyoqala ukusebenza ngosuku oyoshicilelwa ngalo kwiGazethi Yesifundazwe.